1.1 **Bala izinto** - (Qagela bese ubala izinto ukuthuthukisa ulwazi lwezinombolo)	**Uhla Lwezinombolo: 1 – 5** • Okukodwa nokukodwa okuhambisanayo Thula ishadi labasizi nendlela izidlo ezizolandelana ngayo • Bala ngakunye - Izinsiza kufunda eziphathekayo - Izingxenye zomzimba - Shaya izandla - Gxoba ngezinyawo - Gibela izitebhisi / Eqa izinto • Ukubala ngokuphimisa: imilolozelo namaculo ezinombolo	**Uhla Lwezinombolo: 1 – 7** • Okukodwa nokukodwa okuhambisanayo: Gcizelela ishadi labasizi nsukuzonke • Bala ngakunye - Izinsiza kufunda eziphathekayo - Izingxenye zomzimba - Shaya izandla - Gxoba ngezinyawo - Gibela izitebhisi / Eqa izinto • Ukubala ngokuphimisa imilolozelo namaculo ezinombolo • Shaya izandla izikhathi eziningi/ nezimbalwa	**Uhla Lwezinombolo: 1 kuya 10** • Okukodwa nokukodwa okuhambisanayo: Gcizelela ishadi labasizi nsukuzonke • Bala ngakunye - Izinsiza kufunda eziphathekayo - Izingxenye zomzimba - Shaya izandla - Gxoba ngezinyawo - Gibela izitebhisi / Eqa izinto • Ukubala ngokuphimisa imilolozelo namaculo ezinombolo • Shaya izandla izikhathi eziningi/ ezimbalwalyiphi; inombolo eshaye izandla izikhathi eziningi noma ezimbalwa?	**Uhla Lwezinombolo: 0 kuya 10** • Okukodwa nokukodwa okuhambisanayo: Gcizelela ishadi labasizi nsukuzonke • Bala ngakunye - Izinsiza kufunda eziphathekayo - Izingxenye zomzimba - Shaya izandla - Gxoba ngezinyawo - Gibela izitebhisi / Eqa izinto • Ukubala ngokuphimisaimilolozelo namaculo ezinombolo • Shaya izandla izikhathi eziningi/ ezimbalwa: iyiphi inombolo eshaye izandla izikhathi eziningi noma ezimbalwa?
1.2 **Bala uye phambili ubuye uye emumva**	**Uhla Lwezinombolo: 1** Ukubala unganakile usebenzisa imilolozelo, amaculo,izinto zokubala, izinto ezi 3-D, ukubala unyakazisa umzimba. **Bala:** • ngakunye	**Uhla Lwezinombolo: 1 kuya 4** Ukubala unganakile usebenzisa imilolozelo, amaculo,izinto zokubala izinto ezi3-D, ukubala unyakazisa umzimba. **Bala:** • ngakunye	**Uhla Lwezinombolo: 1 kuya 7** Ukubala unganakile usebenzisa imilolozelo, amaculo,izinto zokubala izinto ezi 3-D, ukubala unyakazisa umzimba kanye neshadi lesitebhisi sezinombolo. **Bala:** • ngakunye	**Uhla Lwezinombolo: 0 kuya 10** Ukubala unganakile usebenzisa imilolozelo, amaculo,izinto zokubala izinto ezi 3-D, ukubala unyakazisa umzimba kanye nesitebhisi sezinombolo **Bala:** • ngakunye • ngakubili

INGXENYE YOKUQUKETHWE	ITHEMU 1	ITHEMU 2	ITHEMU 3	ITHEMU 4
UKUBONA IZINOMBOLO				
1.3. **Izimpawu kanye namagama ezinombolo** (Bona ukhombe izimpawu namagama ezinombolo)	**Uhla lwezinombolo:** • Izimpawu zezinombolo: **1** • Amagama ezinombolo: **kunye** - Usebenzisa ukunyakazisa umzimba. - Usebenzisa izinto ezinezimo ezinhlangothintathu ezifaka unombolo 1. - Usebenzisa umfanekiso wokubonakalayo ofaka unombolo 1. - Isithombe esiwumfanekiso wokuphathekayo okufaka amakhadi anamachashaza afaka inombolo – 1. • Gcizelela ulwazi olutholiwe kufaka inombolo -1	**Uhla lwezinombolo:** • Izimpawu zezinombolo: **2 kuya 4** • Amagama ezinombolo: **kubili, kuthathu, kune** - Usebenzisa ukunyakazisa umzimba. - Usebenzisa izinto ezinezimo ezinhlangothintathu ezifaka izinombolo 2, 3, kanye ne- 4. - Usebenzisa umfanekiso wokubonakalayo ofaka izinombolo 2, 3, kanye ne- 4. - Isithombe esiwumfanekiso wokuphathekayo okufaka amakhadi anamachashaza afaka izinombolo – 2, 3, kanye ne-4. • Gcizelela ulwazi olutholiwe kufaka inombolo 1 – 4	**Uhla lwezinombolo:** • Izimpawu zezinombolo: **5 kuya 7** • Amagama ezinombolo: kuhlanu, yisithupha, yisikhomisa - Usebenzisa ukunyakazisa umzimba. - Usebenzisa izinto ezinezimo ezinhlangothintathu ezifaka izinombolo 5, 6, kanye ne – 7. - Usebenzisa umfanekiso wokubonakalayo ofaka izinombolo 5, 6, kanye ne – 7. - Isithombe esiwumfanekiso wokuphathekayo okufaka amakhadi anamachashaza afaka izinombolo –5, 6, kanye ne – 7 • Gcizelela ulwazi olutholiwe kufaka inombolo 1 – 7	**Uhla lwezinombolo:** • Izimpawu zezinombolo: **0 kuya 10** • Amagama ezinombolo: **iqanda, yisishiyagalombili, yisishiyagalolunye, yishumi** - Usebenzisa ukunyakazisa umzimba. - Usebenzisa izinto ezinezimo ezinhlangothintathu ezifaka izinombolo 0, 8, 9 kanye ne – 10. - Usebenzisa umfanekiso wokubonakalayo ofaka izinombolo 0, 8, 9 kanye ne – 10 - Isithombe esiwumfanekiso wokuphathekayo okufaka amakhadi anamachashaza afaka izinombolo –0, 8, 9 kanye ne – 10 • Gcizelela ulwazi olutholiwe kufaka inombolo 0 – 10

INGXENYE YOKUQUKETHWE	ITHEMU 1	ITHEMU 2	ITHEMU 3	ITHEMU 4
1.4 **Chaza, qhathanisa bese uhlela izinombolo** (Sebenzisa izinombolo ezimweni ezijwayelekile)	**Ukusebenzisa izinombolo ezimweni ezijwayelekile** • Umfundi akayazi iminyaka yakhe. • Ukugcwaliswa kwerejista yansukuzonke. Ukusebenzisa izindlela ezahlukene ukubiza uhla lwamagama kwi rejista nsukuzonke. Isibonelo: - Ukhona yini umfundi onophawu lwabhanana namuhla? - Ukhona yini umfundi onegama eliwuSipho namuhla? - Ukhona yini umfundi onegam eliwuSipho Vusumuzi, isibongo Madlala namuhla? • Ukukhomba izinombolo ezithombeni nasemakhadini anamachashaza. • Ukudlala umdlalo wamakhadi anezinombolo.	**Ukusebenzisa izinombolo ezimweni ezijwayelekile** • Umfundi akayazi inombolo yomuzi wakubonekheli lakubo • Gcizelela ukusebenzisa izinombolo ngokugcwalisa irejista yansukuzonke njangakwi themu yokuqala. Isibonelo: - Ukhona umfundi ohlala endlini ewunombolo 123 namuhla? - Ukhona umfundi ohla kunombolo 123 emgwaqweni uMzwilili namuhla? - Ukhona umfundi onocingo olunenombolo ewu 082 1234567 namuhla? • Ukukhomba izinombolo ezithombeni nasemakhadini anamachashaza • Ukudlala umdlalo wamakhadi anezinombolo. • Khomba izinombolo ezisezikhangisweni noma emaphepheni nakumakhadi amadala	**Ukusebenzisa izinombolo ezimweni ezijwayelekile** • Umfundi makayazi inombolo yocingo lwasekhaya nenombolo kamakhalekhukhwini yabazali. • Gcizelela ukusebenzisa izinombolo ngezindlela ezahlukene. Isibonelo: • Ukhona yini umfundi ozalwa namuhla izinsuku ziyi-16 Mashi? • Ukukhomba izinombolo ezithombeni nasemakhadini anamachashaza • Ukudlala umdlalo wamakhadi anezinombolo. • Khomba izinombolo ezisezikhangisweni noma emaphepheni nakumakhadi amadala.	**Ukusebenzisa izinombolo ezimweni ezijwayelekile** • Gcizelela ulwazi oluphathelene neminyaka, inombolo yendlu, ikheli, inombolo yocingo/ umakhalekhukhwini. • Gcizelela ukusebenzisa izinombolo ngezindlela ezahlukene. Isibonelo: • Bangaki abafundi abangekho namuhla esikoleni? - Qagela; - Bala izihlalo ezingenamunt - Bala izitsha ezingadlelanga; • Ukukhomba izinombolo ezithombeni nasemakhadini anamachashaza • Ukudlala umdlalo wamakhadi anezinombolo . • Khomba izinombolo ezisezikhangisweni noma emaphepheni nakumakhadi amadala. • Khomba izinombolo emabhukwini.

INGXENYE YOKUQUKETHWE	ITHEMU 1	ITHEMU 2	ITHEMU 3	ITHEMU 4
ULWAZI LWEZINOMBOLO (UBUDLELWANO)				
1.4 **Chaza, qhathanisa bese uhlela izinombolo** (Khomba bese uchaza izinombolo eziphelele) Qhathanisa iqoqo lezinto ezimbili ozinikwe ukuthi: Okukhulu nokuncane Okukhudlwana nokuncanyana Okuncane kakhulu nokukhulu kakhulu Qhathanisa iqoqo lezinto ezimbili ozinikwe ukuthi: Okungaphezulu kunokunye Okungaphansi kunokunye Okulinganayo (kuyafana)	**Uhla lwezinombolo: 1** • **Khomba bese uchaza** izinombolo eziphelele kufika ku – 1.	**Uhla lwezinombolo: 1 kuya 5** • **Khomba bese uchaza** izinombolo eziphelele-2,3, kanye noku-4 • Gcizelela izinombolo-1 kuya koku-4	**Uhla lwezinombolo: 1 kuya 7** • **Khomba bese uchaza** izinombolo eziphelele 5,6, no -7 • Gcizelela izinombolo-1 kuya kokuyi-7	**Uhla lwezinombolo: 0 kuya 10** • **Khomba bese uchaza** izinombolo eziphelele-8,9,10, no- 0 • Gcizelela izinombolo-0 kuya e-10
	Qhathanisa iqoqo lezinto ezimbili ozinikwe ukuthi: • Okukhulu nokuncane • Okukhulu ngokuthe xaxa kanye nokuncanyana • Okukhulu kakhulu nokuncane kakhulu (yethula ulwazi) • Hlela amaqoqo amabili ezinto ozinikiwe kusuka kokuncane kakhulu kuya kokukhulu kakhulu kanye nokukhulu kakhulu kuya kokuncane kakhulu			
	• Okuningi nokumbalwa Isib. ukushaya izandla benganakile	• Okuningi kunokunye, okuncane kunokunye, okulinganayo. • Okuningi nokumbalwa Isib. ukushaya izandla benganakile	• Okuningi kunokunye, okuncane kunokunye, okulinganoyo. • Okuningi nokumbalwa Isib. ukushaya izandla benganakile ubuze umbuzi ukuthi ikuphi ukushaya okuningi, nokumbalwa.	• Okuningi kunokunye, okuncane kunokunye, okulinganoyo. • Okuningi nokumbalwa Isib. ukushaya izandla benganakile ubuze umbuzi ukuthi ikuphi ukushaya okuningi, nokumbalwa.

INGXENYE YOKUQUKETHWE	ITHEMU 1	ITHEMU 2	ITHEMU 3	ITHEMU 4
Izinombolo ezisho isikhundla	**Thuthukisa ngokuqaphela ukufunda ngokunganakile izinombolo ezisho isikhundla:** Isib. okokuqala, okwesibili, okwesithathu . . . okulandelayo, okokugcina • Kungenise **ngesikhathi sezidlo nangesikhathi sokuya ngasese** – owokuqala, owesibili, okokugcina, okulandelayo.	**Thuthukisa ngokuqaphela ukufunda ngokunganakile izinombolo ezisho isikhundla:** Isib. okokuqala, okwesibili, okwesithathu . . . okulandelayo, okokugcina • Gcizelela ukufundwa ngokunganakile izinombolo ezejwayelekile ngesikhathi sokuya ngasese. • Kusebenzise futhi ngesikhathi kufundwa isifundo samakhono empilo • Nangesikhathi sokuthuthukiswa kwezicubu zomzimba nangesikhathi sokufunda ezobuciko.	**Thuthukisa ngokuqaphela ukufunda ngokunganakile izinombolo ezisho isikhundla:** Isib. okokuqala, okwesibili, okwesithathu . . . okulandelayo, okokugcina • Gcizelela ukufundwa ngokunganakile izinombolo ezejwayelekile ngesikhathi sokuya ngasese. • Kusebenzise futhi ngesikhathi kufundwa isifundo sokuthuthukiswa kwezicubu zomzimba	**Thuthukisa ngokuqaphela ukufunda ngokunganakile izinombolo ezisho isikhundla:** Isib. okokuqala, okwesibili, okwesithathu . . . okulandelayo, okokugcina • Yethula izinombolo ezejwayelekile – eyokuqala, eyesibili, eyesithathu kuya kweyesithupha • Gcizelela ukufundwa ngokunganakile izinombolo ezingajwayelekile ngesikhathi sokuya ngasese. • Kusebenzise futhi ngesikhathi kufundwa isifundo sokuthuthukiswa kwezicubu zomzimba
SEBENZISA AMAQHINGA ESIMWENI ESEJWAYELEKILE UKUXAZULULA IZINKINGA:				
1.6 **Amaqhinga okuxazulula izinkinga** (Sebenzisa lamaqhinga namasu alandelayo)	**Sebenzisa lamaqhinga alandelayo** • Izinsiza kusebenza eziphathekayo, Isib. izivalo zamabhodlela, amtshe njll	**Sebenzisa lamaqhinga alandelayo** • Izinsiza kusebenza eziphathekayo, isib. izivalo zamabhodlela, amatshe njll	**Sebenzisa lamaqhinga alandelayo** • Izinsiza kusebenza eziphathekayo, Isib. izivalo zamabhodlela, amtshe njll • Ishadi lesitebhisi sezinombolo	**Sebenzisa lamaqhinga alandelayo** • Izinsiza kusebenza eziphathekayo, Isib. izivalo zamabhodlela, amtshe njll • Ishadi lesitebhisi sezinombolo

INGXENYE YOKUQUKETHWE	ITHEMU 1	ITHEMU 2	ITHEMU 3	ITHEMU 4
1.7 **Ukuhlanganisa nokususa** (Kukhulunywa kuxazululwa izinkinga zezibalo zamagama (zengxoxo) uchaze izixazululo kufaka lokhu okulandelayo: Ukuhlanganisa nokususa okufaka izimpendulo kufinyelela e – 10) **1.9** **Ukwenza iqoqo nokukwabelana okuholela ekuhlukaniseni** Ukwenza iqoqo nokwabelana ngokulinganayo izinombolo eziphelele kuya e – 10 nezimpendulo ezifaka izinsalela.		• Sebenzisa izinsiza kubala ubuye uxazulule izinkinga ezifaka lezinombolo: 2, 3 kanye 4. • Gcizelela ukuxazululwa kwezinkinga ezifaka lezizinombolo:1 kuya koku–4	• Sebenzisa izinsiza kubala ubuye uxazulule izinkinga ezifaka lezinombolo: 5 , 6, kanye ne – 7 • Gcizelela ukuxazululwa kwezinkinga ezifaka lezizinombolo:1 kuya kokwi – 7	• Sebenzisa izinsiza kubala ubuye uxazulule izinkinga ezifaka lezinombolo: 8, 9, 10 kanye no – 0 • Gcizelela ukuxazululwa kwezinkinga ezifaka lezizinombolo: 1 kuya e – 10

INGXENYE YOKUQUKETHWE	ITHEMU 1	ITHEMU 2	ITHEMU 3	ITHEMU 4
1.11 Imali		**Imali** • Ukuthuthukisa ulwazi ngemali ewuhlweza esetshenziswa ezweni lethu eNingizimu Afrika. 20c, 50c, R1, R2, R5 • Ukubona umbala nesilwane esisemalini ewuhlweza. • Ukubona okufanayo nokuhlukile emalini ewuhlweza. Isibonelo: umdlalo wokuhlukanisa imali ngemibala nangobukhulu. • Nikeza imali yokudlala egunjini lezinto zasekhaya.	**Imali** • Ukuthuthukisa ulwazi lwemali engamaphepha yaseNingizimu Afrika. R10, R20, R50, R100, R200, • Ukubona okufanayo nokuhlukile emalini engamaphepha. Isibonelo: umdlalo wokuhlukanisa imali ngemibala nangobukhulu • Nikeza imali yokudlala egunjini lezinto zasekhaya.	**Imali** • Nikeza imali yokudlala egunjini lezinto zasekhaya.
BALA USEBENZISA:				
1.13 **Ukuhlanganisa nokususa** (Xazulula Ukukhuluma ukuhlanganisa nokuhlukanisa okunezixazululo ezifinyelela e – 10)		Xazulula izinkinga zokuhlanganisa nokususa ezinezimpendulo ezifinyelela koku – 4.	Xazulula izinkinga zokuhlanganisa nokususa ezinezimpendulo ezifinyelela koku – 7. .	Xazulula izinkinga zokuhlanganisa nokususa ezinezimpendulo ezifinyelela e – 10.

Izinhlobo zezinkinga zeBanga R

Izinkinga ezisetshenziswa kubafundi beBanga R kumele zisebenzise kuphela izinto ezitholakala ekilasini, isib. Izinto zokubala, abantwana , izicathulo, kodwa hhayi lezizibonelo, amaswidi, onogwaja, izimbali njll. Akubona bonke abantwana abasebancane abangenza sengathi izinto zokubala noma iminwe ingaba onogwaja – badinga izinto uqobo.Uthisha angasebenzisa kuphela izithombe engxenyeni yesibili yonyaka.Izinto eziphatheka yo kufanele ukuba sihlale zitholakala/ zikhona – izithombe ngezokwengeza, akuzona ezokubamba isikhundla sezinto eziphathekayo. Izinti zokubala uthisha angazisebenzisa uma engenazo izinsiza ezanele.

Lezinkinga ezilandelayo ziveza izinhlobo zezinkinga, kanti kumele zishintshwe uthisha ukuze zilungele izinga lokuqonda kwabafundi.

Ukwenza amaqoqo

Lapha kunamakhekhe 8 (uthisha upakisha izinto zokubala 8, noma akhombise isithombe samakhekhe ayisishiyagalombili.) UNobuhle uthola amaklhekhe amabili nsukuzonke. Uzothola amakhekhe amangaki usuku ngalunye?

Ukwabelana

Kunamakhekhe ayisithupha. (uthisha upakisha izinto zokubala eziyisithupha, noma akhombise isithombe samakhekhe ayisithupha.) izingane ezintathu kumele zabelane ngalamakhekhe ukuze bonke bathole amakhekhe anenani elilinganayo. Iyinye ingane izothola amakhekhe amangaki?

Ukuhlanganisa, ukususa, ukuhlanganisa ngokuphindelela

Izingane ezimbili zinamehlo amangaki?
izingane ezine zinezindlebe ezingaki?
isandla esisodwa sineminwe emingaki?
izandla ezimbili zineminwe emingaki?
ULinda unezinto zokubala eziyisithupha.Wanika uSihle izinto zokubala ezimbili.Zingaki izinto zokubala asenazo manje?

Uthisha kufanele azihlanganise izinkinga zezibalo zansukuzonke.Kumele baqhubeke isibalo sezinombolo abazisebenzisayo ezinkingeni zezibalo Bangavele bacabange ukuthi abafundi angeke bakhone ukwenza izibalo ngezinombolo ezinkulu

ULWAZI JIKELELE LWEBANGA R 2. AMAPHETHINI NEMISEBENZI				
ULWAZI	**ITHEMU 1**	**ITHEMU 2**	**ITHEMU 3**	**ITHEMU 4**
2.1 **Amaphethini okusazibalomdwebo** (Kopela ukhulise amaphethini alula aphindaphindayo usebenzisa izinto eziphathekayo kanye nemidwebo.) (Qamba awakho amaphethini aphindaphindayo)	• Khomba amaphethini empahleni, ezintweni kanye nase nhlalweni yendawo. • Kopela uqedele amaphethini. • Kopela amaphethini usebenzisa umsindo owenza ngokushaya umzimba. • Kopela,qedela bese uqamba awakho amaphethini.	• Kopela, qedela bese uqamba awakho amaphethini. • Kopela iphethini oyinikiwe usebenzisa imali ewuhlweza	• Kopela,andisa bese uqamba awakho amaphethini anezithombe.	• Kopela, andisa bese uqamba awakho amaphethini omsindo / umculo olalelwayo. • Kopela amaphethini omsindo. • Dlala umdlalo wamaphethini (gxa / hop scotch)

ULWAZI JIKELELE LWEBANGA R 3. INDAWO NESIMO (IJIYOMETRI)				
ULWAZI	**ITHEMU 1**	**ITHEMU 2**	**ITHEMU 3**	**ITHEMU 4**
3.1 **isikhundla indawo nokubukeka kwayo** Chaza isimo ezinhlangothi ntathu ngokuhlobana kwazo (Isib.ngaphambili nangemuva)	**Ubudlelano nendawo akuyo** **Ukuma kwezinto ngazimbili nangaphezulu kunendawo umfundi akuyo.** • Ngaphambi kwenye nasemuva • Ngaphezu,phezu kwe,ngaphansi kanye nangaphansi • Phakathi kanye nangaphandle • Ngenhla nangezansi • Eduze kwe kanye naphakathi. **Ukubaluleka kwemidlalo yaphandle.Kungasetshenziswa kwejangijimu ukugcizelela: Isib.** • Ulwazi lwezibalo • Ubuciko bokuzenzela • Ukuthuthukiswa kokunyakaza komzimba	**Ubudlelano nendawo akuyo** **Ukuma kwezinto ngazimbili nangaphezulu kunendawo umfundi akuyo.** • Ngaphezu nangaphansi.	**Ubudlelano nendawo akuyo** **Ukuma kwezinto ezimbili nangaphezulu kunendawo umfundi akuyo.** • Ngaphambi kwe kanye nasemuva • Ngaphezu,phezu kwe:,ngaphansi kanye nangezansi • Eduze kwe • Phakathi nendawo • Kwesobunxele kanye nesokudla • umsebenzi wepekisibhodi. **Ukunikeza imiqondo eyahlukene nyezinto,Isib.unodoli,indlu ngaphambili,ngasemuva,**	**Ubudlelano nendawo akuyo** **Ukuma kwezinto ezimbili nangaphezulu kunendawo umfundi akuyo.** • Ngaphambi kwe.. kanye nasemuva • Phezu kwe..,ngaphansi noma ngezansi • ngaphezulu kwe.. • nangaphansi kwe.. • eduze kwe;okuphakathi kwezinto kanye nokumaphakathi • Kwesobunxele kanye nesokudla. **Ubudlelwano bezinto ezimbili nangaphezulu ngokwezikhundla zazo** • Ngaphambi kwe kanye nasemuva • phezu kwe:,ngaphansi kanye nangezansi • phezulu kanye nangaphansi • eduze kwe;okuphakathi kwezinto kanye nokumaphakathi • Kwesobunxele kanye nesokudla.
Landela imiyalelo (ngayedwa, ngamaqoqo nangamaqembu) gudluka noma ame ndawana thizeni. okwenkombandlela)	• Inkombandlela-phambili/emuva • imidlalo efana nesitimela • Ukweqa izinto eziyinqinamba – ulalendela imiyalelo • Imisebenzi yokuthuthukiswa kwezicubu zomzimba kanye nomculo		• Inkombandlela-phambili/emuva • Ishadi lemicibisholo	• Inkombandlela-phambili/emuva • Phezulu naphansi, • ukwenyuka nokwehla • Kwesobunxele kanye nesokudla • Uphumaphi umsindo?

ULWAZI	ITHEMU 1	ITHEMU 2	ITHEMU 3	ITHEMU 4
3.2 **Izinto ezinhlangothi ntathu (3-D)** (Bona,khomba uphinde usho izinto ezinhlangothi ntathu ekilasini: a) amabhola b) Amabhokisi	• **Amabhola:**yethula ubuye udlale ngamabhola. • **amabhokisi:** yethula ubuye udlale ngamabhokisi			
3.2 **Izinto ezinhlangothi ntathu (3-D)** **Chaza,hlela ubuye uqhathanise izinto ezinhlangothi ntathu 3-D nezimo ezinhlangothimbili 2-D ngoloku:** a)ubungako (okukhulu / okuncane) b) a umbala (obomvu, oluhlaza okwesibhakabhaka, oliphuzi, oluhlaza okusatshani) c)izimo (indilinga, unxantathu, isikwele, unxande) d)izinto eziginqikayo e)izinto ezishelelayo	• Ngenisa ishadi lokuqoqa (ukuqoqa amathoyisi) • **Ubungako**: hlela izinto ezinhlangothi ntathu • **Umbala**: hlela izinto ezinhlangothi mbili nantathu ngokwemibala eyisisekelo • **Izimo:** hlela izinto ezinhlangothi mbili nantathu ngokwezimo. • Izinto eziginqikayo • Khomba uphinde uhlole izimo eziginqikayo. • Gcizelela izinto eziginqikayo. • Izinto ezishelelayo • Khomba uphinde uhlole izinto ezishelelayo. • Bona uizinto ezishibilika neziginqikayo	• Hlela ngokufana nangokuhluka kwezinto • **Ubungako:** hlela ngobungako bezinto ezinhlangothi ntathu. • **Umbala:**bona uphinde uhlele izinsiza kubala ngokwemibala obomvu, oluhlaza okwesibhakabhaka,oliphuzi kanye noluhlaza okusatshani. • **Izimo:** hlela izinto ezinhlangothi ntathu kanye nezimo ezinhlangothi mbili ngokwezimo.	• **Ubungako:** hlela ngobungako bezinto ezinhlangothi ntathu • **Umbala:** hlela izinto ezinhlangothi ntathu kanye nezimo ezinhlangothi mbili ngokwemibala. • **Izimo:** hlela izinto ezinhlangothi ntathu kanye nezimo ezinhlangothi mbili ngokwezimo.	• **Ubungako:** hlela ngobungako bezinto ezinhlangothi ntathu • **umbala:** hlela izinto ezinhlangothi ntathu kanye nezimo ezinhlangothi mbili ngokwemibala. • **Izimo:** hlela izinto ezinhlangothi ntathu kanye nezimo ezinhlangothi mbili ngokwezimo.

ULWAZI	ITHEMU 1	ITHEMU 2	ITHEMU 3	ITHEMU 4
Yakha izinto ezinhlangothi ntathu 3-D usebenzisa izinto eziphathekayo (Isib.amabhuloki okwakha)	**Okuqhubekayo** • Nikeza abafundi amabloki okwakha nanoma eziphi izinto zokudlala nhokwakha ngesikhathi sokudlala ngokukhululeka nsuku zonke • Abafundi badlala ngamabloki okwakha	**Okuqhubekayo** • Nikeza abafundi amabloki okwakha nanoma eziphi izinto zokudlala nhokwakha ngesikhathi sokudlala ngokukhululeka nsuku zonke • Abafundi badlala ngamabloki okwakha	**Okuqhubekayo** • Nikeza abafundi amabloki okwakha nanoma eziphi izinto zokudlala nhokwakha ngesikhathi sokudlala ngokukhululeka nsuku zonke • Abafundi bakha izakhiwo zabo ngokukopela kwisibonelo sesakhiwo abasinikeziwe. • Kopela isimo sokwakha esifanayo ususela kumdwebo othize noma isithombe. • Gcizelela ukukopela isimo sokwakha esifanayo ususela kumdwebo othize noma isithombe.	**Okuqhubekayo** • Nikeza abafundi amabloki okwakha nanoma eziphi izinto zokudlala nhokwakha ngesikhathi sokudlala ngokukhululeka nsuku zonke • Okuqhubekayo okungaphakathi ngesikhathi sokudlala ngokukhululekiley inside
3.3 Izimo ezinhlangothi mbili (2-D) **Bona,khomba uphinde usho izinto ezinhlangothi mbili ekilasini nasezithombeni kufaka:** a) izimpawu zabafundi b) igama eikilasi **Akhiwa kanjani amaphazile ngobuncane obuwu:** a) (ithemu 1: b) izingcezu eziyi- 6) c) (ithemu 2: izingcezu eziyi-12) d) (ithemu 3: izingcezu eziyi-18) e) (ithemu 4: izingcezu eziyi-24)	• uvumela abafundi ukuzikhela amakhadi anezimpawu ngosuku lokuqala. • Khombisa uphawu / isithombe somfundi esikhathini esiyizinyanga ezi-3 zokuqala onyakeni. • Yethula igama lekilasi ngokusebenzisa isithombe noma igama lembali / ithoyizi. • Bhala igama likathisha emnyangweni wekilasi. • Bhala okukhombisa iBanga (iBanga –R) **Amaphazili** • **Yethula amaphazili** unike iseluleko ngokwakhiwa kwawo. • Xoxa ngephazili eyisithombe uqhaphele kakhulu imibala, abantu / izilwane,izinto,chaza ukuthi into noma umuntu ikuphi uma uyiqhathanisa nenye. • Kufanele abafundi baqede okungenani izingcezu eziyisi-6 ekupheleni kwethemu -1.	Ngezinyaga ezintathu zokuqala onyakeni khangisa **izimpawu / amagama/izithombe** zabafundi. Kuyaqhubeka **Amaphazili (ayaqhubeka)** • Nikeza abafundi izinhlobo nhlobo zamaphazili ngesikhathi sokudlala ngokukhululeka nsuku zonke. • Kufanele abafundi baqede okungenani **izingcezu eziyi-12** ekupheleni kwethemu -2 • Benza baqede amaphazili abo anezingcezu ezi -4	Ngezinyanga eziyisithupha zokugcina zonyaka khangisa **amagama abafundi**. Kuyaqhubeka **Amaphazili (ayaqhubeka)** • Nikeza abafundi izinhlobo nhlobo zamaphazili ngesikhathi sokudlala ngokukhululeka nsuku zonke • Kufanele abafundi baqede okungenani **izingcezu eziyi-18** ekupheleni kwethemu -3 • Benza baqede amaphazili abo anezingcezu ezi -5	Ngezinyanga eziyisithupha zokugcina zonyaka khangisa **amagama abafundi** Kuyaqhubeka **Amaphazili (ayaqhubeka)** • Nikeza abafundi izinhlobo nhlobo zamaphazili ngesikhathi sokudlala ngokukhululeka nsuku zonke • Kufanele abafundi baqede okungenani **izingcezu ezingama -24** ekupheleni kwethemu -3

ULWAZI	ITHEMU 1	ITHEMU 2	ITHEMU 3	ITHEMU 4
3.3 **Ukubona izinto ngokuqonda phakathi kwezinye** Okusazibalomdwebo a) indilinga b) unxantathu c) isikwele d) unxande e) ukulondolozwa kwezimo (isimo esingashintshi)	• Fundisa ukubona izinto ngokuqonda phakathi kwezine (yethula-"ngibona ngamehlo ami amancane") • Gcizelela indilinga. • Yethula indilinga. • Yethula unxantathu • Yethula isikwele	• Gcizelela ukubona izinto ngokuqonda phakathi kwezinye ngokwenza imisebenzi yokuhlela,imisebenzi yokuqhathanisa nokwenza amaqoqo kanye nokuqoqa. • Gcizelela unxantathu • Ukulondolozwa kwezimo(isimo esingashintshi unxantathu)	• Gcizelela ukubona izinto ngokuqonda phakathi kwezinye ngokwenza imisebenzi yokuhlela,imisebenzi yokuqhathanisa nokwenza amaqoqo kanye nokuqoqa • Gcizelela isikwele • Ukulondolozwa kwezimo(izimo ezingashintshi ezifundiwe)	• Gcizelela ukubona izinto ngokuqonda phakathi kwezinye ngokwenza imisebenzi yokuhlela,imisebenzi yokuqhathanisa nokwenza amaqoqo kanye nokuqoqa • Gcizelela indilinga, unxantathu, isikwele kanye nonxande. • Ukulondolozwa kwesimo (izimo ezingashintshi ezifundiwe)
3.4 **Okufana nse nxazombili** (Ukubona umugqa ohlukanisa kabili kuyena kufane nse kanye nezinto ezisendaweni aphila kuyo.)	• Abafundi bafunda ngezicubu zomzimba (uzibale), • khanda, amehlo, ikhala, umlomo isilevu, amahlombe, ingalo, isandla, iminwe, isifuba, umlenze, idolo, unyawo, izinzwane • Umzimba unezinhlangithi ezimbili • Gcizelela ukuthi umzimba unezinhlangothi ezimbili, olunye uhlangothi lungakwesokudla olunye ngakwesonxele • Kufundwa izibalongo kubala okungenhla kungenziwa ngesikhathi sesifundo sokuthuthukisa izicubu zomzimba, • Kusetshenziswa imilolozelo namaculo . • Ngesikhathi sobuciko bokwenza	• Kufundwa izibalo kuphanjaniswe izandla ngesikhathi sesifundo sokuthuthukisa izicubu zomzimba, • Kufundwa izibalo ngokubala ngesikhathi samafundo sakhono empjlo (ukunyakazisa umzimba) • Kusetshenziswa imilolozelo namaculo . • Ngesikhathi sobuciko bokwenza	• Kufundwa izibalo kweqiwa ulayini ebhodini ngesikhathi sesifundo sokuthuthukisa izicubu zomzimba • Kufundwa izibalo ngokubala ngesikhathi samafundo sakhono empilo (ukunyakazisa umzimba)	• Thuthukisa ulwazi lwezinto ezifana nse nxazombili. • Kufundwa izibalo ngokubala ngesikhathi samafundo sakhono empjlo (ukunyakazisa umzimba)

ULWAZI JIKELELE LWEBANGA R 4. ISILINGANISO				
ULWAZI	**ITHEMU 1**	**ITHEMU 2**	**ITHEMU 3**	**ITHEMU 4**
4.1 **Isikhathi:** Chaza isikhathi sosuku ngemini nobusuku: Ukulandelana kwezehlakalo ezenzekayo ezimpilweni zabo. a) Uhlelo lwansukuzonke b) Ishadi lesimo sezulu	• Abafundi bafunda ukuqonda isikhathi: ngemini nobusuku, ngokukhanya / nobumnyama • Ekuseni, ntambama, ebusuku - (befunda benganakile uma kufundwa ishadi lesimo sezullu)			
	• **Ukuthulwa kohlelo lwansukuzonke** - Abafundi bafunda ngokuhlela izehlakalo zosuku. - Kukhangiswa izithombe kusukela kwesonxele kuya kwesokudla ukuthuthukisa ukufunda ngezinkomba. - Umholi wosuku ugudlula umcibisholo ohlakeni lwansukuzonke ngokuqhubeka kwemisebenzi yosuku. • **Fundisa ishadi lesimo sezulu** (nsukuzonke) - Uthisha usiza abafundi ukusho usuku, ilanga nenyanga besebenzisa imilolozelo, izingqwembe zamagama kukhangiswe izimpawu nalebuli ekhalendeni yesonto - Qaphela ngokufundwa kwesikhathi. - Khombisa izinsukuzokuzalwa, zokuvakasha, izinsuku ezikhethekile, izinsuku zokuphumula - Sebenzisa iculo ukuhlela izinyanga zonyaka ngeculo	• **Ukuthulwa kohlelo lwansukuzonke** - Kugcizelelwa ukuhlelwa kwezehlakalo zosuku ngokohlaka lwansukuzonke. • **ishadi lesimo sezulu** (nsukuzonke) - Uthisha usiza abafundi ukusho usuku, ilanga nenyanga besebenzisa imilolozelo, izingqwembe zamagama kukhangiswe izimpawu nalebuli ekhalendeni yesonto	• **Ukuthulwa kohlelo lwansukuzonke** - Kugcizelelwa ukuhlelwa kwezehlakalo zosuku ngokohlaka lwansukuzonke. • **ishadi lesimo sezulu** (nsukuzonke) - Uthisha usiza abafundi ukusho usuku, ilanga nenyanga besebenzisa imilolozelo, izingqwembe zamagama kukhangiswe izimpawu nalebuli ekhalendeni yesonto	• **Ukuthulwa kohlaka lwansukuzonke** - Kugcizelelwa ukuhlelwa kwezehlakalo zosuku ngokohlaka lwansukuzonke. • **ishadi lesimo sezulu** (nsukuzonke) - Uthisha usiza abafundi ukusho usuku, ilanga nenyanga besebenzisa imilolozelo, izingqwembe zamagama kukhangiswe izimpawu nalebuli ekhalendeni yesonto

ULWAZI	ITHEMU 1	ITHEMU 2	ITHEMU 3	ITHEMU 4
4.1 **Isikhathi:** a) izinsuku zesonto b) Ishadi lezikhathi zonyaka	• **Izinsuku zesonto** - Uthisha ufundisa abafundi izinsuku zesonto esebenzisa amaculo noma imilolozelo. - Sebenzisa iculo ukuhlela izinsuku zesonto • **Ishadi izikhathi zonyaka** - Yethula ishadi ukukhombisa izikhathi zonyaka: o Ihlobo o Ikwindla o Ubusika o intwahlobo	• **Izinsuku zesonto (kuyaqhubeka)** - Uthisha ufundisa abafundi izinsuku zesonto esebenzisa amaculo noma imilolozelo nsukuzonke uma kuxoxwa ngesimo sezulu. • **Ishadi izikhathi zonyaka** - umcibisholo okhomba isikhathi sonyaka uyashintsha uma kushintsha iskhathi sonyaka. - Ngosuku lokuqala esikoleni emuva kwamaholidi abafundi baxoxa ngabakwenzile ngesikhathi samaholidi. - thuthukisa ulwazi lwabafundi lokwazi izinto okufanele bazenze uma bevuka kuze kufike isikhathi sokuya esikoleni - thuthukisa umfundi ,ngesikhathi sesidlo sasebusuku kanye nesokulala.	• **Izinsuku zesonto (kuyaqhubeka)** • **Ishadi izikhathi zonyaka** - umcibisholo okhomba isikhathi sonyaka uyashintsha uma kushintsha iskhathi sonyaka. - Ngosuku lokuqala esikoleni emuva kwamaholidi abafundi baxoxa ngabakwenzile ngesikhathi samaholidi	• **Izinsuku zesonto (kuyaqhubeka)** • **Ishadi izikhathi zonyaka** - umcibisholo okhomba isikhathi sonyaka uyashintsha uma kushintsha iskhathi sonyaka - Ngosuku lokuqala esikoleni emva kwamaholidi abafundi baxoxa ngabakwenzile ngesikhathi samaholidi
Yethula ishadi lezinsuku zokuzalwa	• Yethula **ishadi lezinsuku zokuzalwa** • Abafundi kufanele bazi iminyaka yabo • Thuthukisa uqwashise ngokufundwa kwezinkombandlela • Abafundi kufanele bazi izinsuku zokuzalwa kwabo (usuku nenyanga)	• Baqhubeka nokugubha usuku lokuzalwa lomfundi ngamunye belandela ishadi lesinsuku zokuzalwa. • Kuyaqhubeka	• Baqhubeka nokugubha usuku lokuzalwa lomfundi ngamunye belandela ishadi lesinsuku zokuzalwa. • Kuyaqhubeka	• Baqhubeka nokugubha usuku lokuzalwa lomfundi ngamunye belandela ishadi lesinsuku zokuzalwa. • Kuyaqhubeka

ULWAZI	ITHEMU 1	ITHEMU 2	ITHEMU 3	ITHEMU 4
4.2 **Ubude** Qhathanisa uhlele izinto eziphathekayo usebenzisa ulwazi magama ukuchaza ubude • Fundisa ishadi lokukala ubude - usebenzisa izandla (bebona futhibefunda benganakile - Sebenzisa izinyawo ukukala (bebona futhibefunda benganakile). - Kala usebenzise isikali bude (bebona futhibefunda benganakile) - kude, kufishane, Kudana,kufishane - Kuphakeme,kupha - keme kakhudlwana, kuphakeme kakhulu (okubonakalayo) - ukuqagela	**Ubude** • Okude nokufishane, okude ngokuthe xaxa, okude kahulu (bebuka) • Fundisa ngobude • Ishadi lokukala ubude kusetshenziswa izandla / izinyawo	**Ubude** • Okude kakhulu kanye nokufishane kakhulu, okude ngokuthe xaxa kanye nokufishane kunokunye. (Sebenza ngobude) • Gcizelela okufundwe ngobude • Kusetshenziswa ishadi lokukala ubude ukubheka ukukhula kwabafundi. ***(abafundi baqhathanisa ubude babo nezinto ezisekilasini Isib. ikhabethe)***	**Ubude** • Qagela ubude bezinto eziphathekayo ezahlukene. • Qagela bese ukala ubude bezinto ezahlukene: Isib. Usebenzisa izandla, izinyawo, isinqamu sentambo njll.	**Ubude** • Kala ubude babafundi usebenzisa intambo yokukala.***(shintsha izandla ngentambo yokukala)***

ULWAZI	ITHEMU 1	ITHEMU 2	ITHEMU 3	ITHEMU 4
4.3 **Isisindo** Qhathanisa uhlele izinto usebenzise ulwazi lamagama ukuchaza lokhu okulandelayo: a) Okulula, okusindayo b) Okulula kakhulu nokusinda kakhulu c) Qhubeka ukale ngesikhathi sokudlala ngamanzi nenhlabathi			**Isisindo** • Fundisa abafundi ngesisindo ngokuqhathanisa izisindo zezinto eziphathekayo ezahlukene.Isib. - Okulula / okusindayo - Okulula kakhulu /okusinda kakhulu • Gcizelela ukufundwa kwesisindo. (Okulula kakhulu /okusinda kakhulu)	
4.4 **Umthamo** Qhathanisa uhlele izinto usebenzise ulwazi lamagama ukuchaza lokhu okulandelayo: a) Okungenalutho, okugcwele, b) okuningi, okuncane c) okuncane kunokunye, okungaphezulu kunokunye, d) Qhubeka ukale ngesikhathi sokudlala ngamanzi nenhlabathi			**Umthamo** • Fundisa abafundi ukukala umthamo ngokuqhathanisa umthamo wezitsha ezinhlobonhlobo.Isib. - okungenalutho /okugcwele” - “okuningi kunokunye/okuncane kunokunye” - Okuningi/okuncane • Kuqhubeka ngesikhathi somdlalo wesihlabathi namanzi.	

ULWAZI JIKELELE LWEBANGA R: 5. UKUQOKELELWA NOKUHLELWA KOLWAZI LWEZIBALO				
ULWAZI	**ITHEMU 1**	**ITHEMU 2**	**ITHEMU 3**	**ITHEMU 4**
5.1 **Qoqa uhlele izinto** Qoqa ulwazi Qoqa izinto eziphathekayo zohlobo olulodwa (eyedwa noma eyilunga leqembu noma laBangani) isib. Amaqabunga ayishumi, izimo ezilishumi	• Yethula ulwazi lokuqoqwa kolwazi ngokuqoqa ulwazi Isib. mangaki amantombazana, Bangaki abafana ekilasini.	• Qoqa izinto (izindukwana ezinobungako obungalingani)	• Buza umbuzo: “ngabe amagama anezinhlavu eziyisithupha iwona ajwayelekile?” • Qoqa ulwazi ukuphendula umbuzo usebenzisa amakhadi amagama.	• Sebenzisa ishadi lezinsuku zokuzalwa ukuthola ukuthi ubani ozalwayo kuleyonyanga • Qoqa ulwazi kubafundi ukuthola umbala wobumba lokudlala oluzosetshenziswa ngesonto elilandelayo isb.oluhlaza satshani, oluhlaza njengesibhakabhaka, oliphuzi. Qoqa ulwazi (iziphi izinhlobo zezithuthi ezisetshenziwa abafundi ukuza esikoleni)
Hlela ulwazi Hlela izinto eziphathekayo ngokwesimo esisodwa isib. Ubungako bamaqabunga	• Hlela ulwazi ngokuthi abafundi benze umugqa wabafana nowamantombazane	• Hlela izinto eziqoqiwe (izindukwana ezinobungako obehlukene)	• Hlela amakhadi amagama ngokwenani lwezinhlavu zamagama egameni ngalinye.	• Hlela ulwazi ngokwenyanga zokuzalwa zomfundi ngamunye • Umfundi ngamunye ukhetha ibhuloki eyodwa emele umbala wobumba lokudlala ngalelosonto. • Hlela ulwazi oluqoqiwe (abahamba ngezinyawo, imoto, imoto yabazali, itekisi noma ibhasi)
5.2 **okumele izinto eziqoqiwe** (Dweba igrafu ukukhombisa ulwazi Dweba isithombe esitshengisa izinto eziqoqiwe)	• Yeza igrafu emele izinto eziqoqiwe usebenzisa amabhuloki noma izimo.	• Dweba igrafu yezinto eziqoqiwe. (izindukwana ezizilinganiso ezehlukene)	• Dweba igrafu ngokunamathisela ikhadi legama ngalinye esikhaleni esifanele.	• Dweba igrafu emele izinsuku zokuzalwa zabafundi inyanga ngayinye. • Sebenzisa izinto eziphathekayo ukwenza igirafu njengamabhuloki,kaLego noDuplo, amakhiyubhu apakishwayo amele umbala wobumba ofisa ukulwenza isib. Oluhlaza njengesibhakabhaka, ophuzi, oluhlaza njengotshani.
				• Dweba igrafu yezithombe emele (inani labafundi abahamba ngezinyawo, imoto, imoto yabazali, itekisi noma ibhasi)

ULWAZI	ITHEMU 1	ITHEMU 2	ITHEMU 3	ITHEMU 4
5.3 **Xoxa ngezinto ezihleliwe** Funda bese uhumusha amagrafu. Baphendula imibuzo ngezithombe zabo noma izinto abazihlelile. (Isib.mangaki amaqabunga amakhulu owadwebile? Amaphi amaningi, amakhulu noma amancane?”)	• Bafunda bese behumusha ulwazi ngokusebenzisa ubumba lokudlala ukumela inani labafana kanye namantombazana ekilasini.	• Bafunda bese behumusha igirafu besebenzisa imibuzo.	• Bafunda bese behumusha ngokubala inani lamakhadi ezinombolo esikhaleni ngasinye ukuze bafinyelele esiphethweni.	• Bafunda bese behumusha igirafu besebenzisa imibuzo ukuthola iyiphi inyanga enezinsuku eziningi zokuzalwa kwabafundi. • Ngokozikhethela kwabafundi umbala ozosebenza ngesonto Isib.obomvu. • Funda bese behumusha igirafu (Bangaki abahamba ngezinyawo,imoto, imoto yabazali,itekisi noma ibhasi)

3.5 INCAZELO YOLWAZI LWEBANGA R

ITHEMU 1 YEBANGA R			
Isonto 1	**Izikhathi Zokufunda Eziphakanyisiwe:**		
Ukujwayeza	**Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
4.1 **Isikhathi**	**Ukulandelanisa izehlakalo zansuku zonke ezimpilweni zabo** • Ukwethula Uhlelo Lwansuku zonke - Ukuthuthukisa ukulandelana kwezehlakalo ezenziwa ngosuku. - Ukubeka izithombe kusukela kwesobunxele kuya kwesokudla. - Umholi weqembu uzohambisa umcibisholo uska kwesokudla uya kwesobunxele ngokuhamba kohlelo losuku. - Abafundi babona ukulandelana kwemisebenzi yosuku-	Uhlelo Losuku Lukhonjiswe ngezithombe	Okwenziwa nsukuzonke emva kokwethulwa kwako

UHLELO LWANSUKU ZONKE OLUPHAKANYISIWE










Ukufika	**Ukubizwa kwerejista, izinsuku zokuzalwa, isimo sezulu, izinda zansuku zonke**	**Uhlelo lukathisha lwemisebenzi yekilasi, okubunjwajo, ukudweba, nokupenda, isikhathi sokudlala esikhululekile okwenziwa ngaphakathi ekilasini**	**Ukuqoqa**	**Umsebenzi oholwa uthisha wekilasi**	**Uhlelo Lokuya endlini encane**









Isikhathi sokudla	**Ukudlala okukhululekile ngaphandle kwekilase kanye nokuqoqa**	**Uhlelo lokuya endlini encane**	**Imisebenzi yekilasi eholwa uthisha nokulalela izindaba**	**Isikhathi sokuphumula**	**Isikhathi sokuhamba**

Isonto 1 Ukujwayeza	Izikhathi Zokufunda Eziphakanyisiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
Amanothi: • Ukuthulwa kolwazi kuncike esikhathini esibekiwe ohlelweni losuku. • Uhlelo losuku ungalushintsha luvumelane nesimo , isibonelo, isikhathi sokuya endlini encane singashintshwa sibekwe kwesinye isikhathi kuya ngesimo sesikole. • Khombisa wonke amashadi ohlelo losuku uma sebekhonjisiwe abafundi. • Uhlu lwamanothi achazayo awabhaliwe ngokulandelana kwemisebenzi yosuku , kodwa ngokwengxenye yolwazi.Ngakhoke kufanele unqume ilanga ozokwenza ngalo umsebenzi othini. • Kwamanye amasonto kunemisebenzi engaphezulu kwemihlanu.Uhlelo belenzelwe ukuthi ube nemisebenzi eminingi ongakhetha kuyo. Akusho ukuthi kufanele uyenze yonke lemisebenzi efakiwe.			
1.4 **Chaza, qhathanisa bese uhlela izinombolo**	• Thula uhlelo lokuya endlini encane (sebenzisa izinombolo ezisho isikhundla ukutshengisa ukulandelana ,indawo noma isikhundla) - Fundisa ulwazi lokulandelana ohlelweni lokuya endlini encane,isib izinombolo ezimele isikhundla (qala usebenzise indlu encane, geza izandla, vala umpompi bese usula izandla njll). - Thula ulwazi lwezinimbolo ezimele isikhundla, njengokuthi uLinda owokuqala, Jabu owesibili njalonjalo.	Insipho, indwangu yokugeza, indlu encane amanzi	Emva kokuthula uhlelo lokuya endlini encne seluke lwenziwa, alwenziwe ngendlela efanele zonke izinsuku.


<table>
<tr><th>Isonto 1
Ukujwayeza</th><th colspan="3">Izikhathi Zokufunda Eziphakanyisiwe:
Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)</th></tr>
<tr><th>Isihloko</th><th>Amanothi Acacisayo</th><th>Izinsiza kufundisa ezinconyiwe</th><th>Isikhathi Esilinganisiwe</th></tr>
<tr>
<td>3.2
Izinto ezinhlangothi ntathu (3-D)</td>
<td>• Thula ishadi lokuqoqa:
- Enza amaqoqo amancane abafundi.
- Gqugquzela ukubekwa kwezinto ngendlela efanele enobunono.
Hlukanisa abafundi balingane izindawo eziyisishiyagalombili ezifuna ukuqoqwa. Iqembu ngalinye aliqoqe indawo ethile ngosuku bese beya kwenye ngesonto elilandelayo.
Chaza , uhlele bese uqhathanisa izinto ezinhlangothi ntathu (3-D) ngoko:
• ubungako
• imibala
• izinto eziginqikayo
• izinto ezishibilikayo</td>
<td>Ishadi lokuqoqa
<table>
<tr><td></td><td>Geza izitsha zopende namabhulashi</td><td></td></tr>
<tr><td></td><td>Qoqa ikhona lezincwadi</td><td></td></tr>
<tr><td></td><td>Qoqa amabhuloki</td><td></td></tr>
<tr><td></td><td>Shanela phansi</td><td></td></tr>
<tr><td></td><td>Qoqa indawo yokudla izindlu</td><td></td></tr>
<tr><td></td><td>Qoqa amaphazili</td><td></td></tr>
<tr><td></td><td>Qoqa amatafula okudweba nokupenda</td><td></td></tr>
<tr><td></td><td>Sula amatafuta ahlanzeke</td><td></td></tr>
</table>
</td>
<td>Emva kokuba uhlelo lokuqoqa seluthuliwe, kufanele lwenziwe zonke izinsuku.</td>
</tr>
</table>

Isonto 1 **Ukujwayeza**	**Izikhathi Zokufunda Eziphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	• Thula ishadi labasizi nendlela okukhishwa ngayo ukudla **Qagela bese ubala izinto ezizothuthikisa ulwazi lwezinombolo ngoku;** - Sebenzisa ishadi labasizi, lisiza ukukhombisa abasizi bosuku ukuze basize etafuleni ngesikhathi sokudla. - Izindilinga ezinhlanu eziseshadini labasizi zimele amaqoqo amahlanu abafundi, njengokuthi kunamaqoqo anikwe amagama ngemibala: elibomvu, eliluhlazaokwesibhakabhaka, eliphuzi, elisawolintshi neliluhlaza njengotshani, ungasebenzisa amagama ezithelo, ezilwane, izithuthi nokunye. - Ingane ngayinye inikwa uphawu olufakwa ngaphakathi kwe kwendilinga yeqembu noma iqoqo. - Ngokuphendula umcibisholo osuka phakathi nendawo nesiyingi ukhombe lowo ozoba omholi weqembu. Ubuholi buyajikeleza zonke izinsuku ukuze bonke abafundi bathole ithuba lokuba abaholi. - Umholi weqembu ubala abafundi nezitsha zokudla kuye ngesibalo sabafundi abakuleloqembu ngalelolanga (okukodwa nokukodwa okuhambisanayo).	**Ishadi labasizi**  	Uma ishadi labasizi sethuliwe, ukudla kuyonikwa ngalendlela zonke izinsuku.
3.3 izimo ezinhlangothi mbili (2-D) Okukodwa nokukoswa okuhambisanayo Igama abizwa ngalo ekilasini	**Bona, khomba, biza ngegama izimo ezinhlangothi mbili noma izithombe ezise kilasini** - **Uphawu lomfundi** • **Vumela umfundi ngamunye azikhethele elakhe uphawu.** - Lungiselela umbukiso wemidwebo onophawu lomfundi ngamunye l (ungasebenzisa isithombe sakhe umfundi). - Namathisela uphawu lomfundi ekhabetheni lakhe. - Umfundi akakhombe ikhabethe lakhe ngokubona uphawu. - Faka uphawu negama ezimpahleni zomfundi.. - Umfundi makakhombe olwakhe uphawu kanye nalololomngane wakhe ngokudlala umdlalo obagqugquzela ukukhomba amakhadi ezimpawu ezihlukene. Isibonelo: Abafundi benza isikokela uthisha eendlale zonke izimpawu bese bekhomba izimpawu zabo.. - Izithombe ezincane zabafundi zingasetshenziswa njengezimpawu, uma zikhona. - **Igama lekilasi** • **Gqugquzela ukuthi abafundi bazi ukuthi Bangamalunga eqembu elikhulu lekilasi ngokunika igama lekilasi ,njengokuthi "Onodoli/ izimoto".** Abafundi kufanele balazi igama likathisha.	Amakhadi anophawu lomfundi ngamunye. Akha izithombe zalolu phawu lo mfundi ngamunye. Amakhabethe, amabhokisi , nasemawukwini okugaxa izinto zakhe. Ilebuli leBanga R Isithombe segama lekilasi sasemnyango Ilebuli elinegama likathisha nesibongo	Ngesikhathi abafundi befika ngosuku lokuqala

Isonto 1 Ukujwayeza	Izikhathi Zokufunda Eziphakanyisiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
Amanothi: • Khombisa uphawu noma isithombe somfundi ezinyangeni ezintathu zokuqala zonyaka. • Khombisa uphawu noma isithombe somfundi negama ezinyangeni ezintathu ezilandelayo. • Khombisa igama lo mfundi kwilebuli ezinyangeni eziyisithupha zokugcina zonyaka. • Ilebuli lekilasi , ligcine lisemnyango unyaka wonke. • Gcina ilebuli elinegama likathisha. • Gcina ilebuli lekilasi leBanga R			


Isonto 2 Ukuzijwayeza	Isikhathi esinconyiwe sokufunda: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	**Qagela bese ubala izinto zansuku zonke ngokuyikho** **Ukubala kwansuku zonke** • Ukubala sakuhuba kusuka ku-1- 5 • Cula amaculo ezinombolo nemilolozelo Noma abafundi befika bengazi ngolwazi lwezinombolo kwi Banga R kufanele bagqugquzelweukucula amaculo nemilolozelo ezinombolo babuye babale sakuhuba zonke izinsuku.	Amaculo nemilolozelo yezinombolo	Nsuku zonke

Isonto 2 Ukuzijwayeza	Isikhathi esinconyiwe sokufunda: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.4 **Chaza, qhathanisa bese uhlela izinombolo**	**Qhathanisa ukuthi iliphi kulamaqoqo amabili elikhulu nelincane** **Thula ulwazi lokukhulu nokuncane** **Ukusebenzisa umzimba** - Abafundi bathola ulwazi lokukhulu nokuncane ngokusebenzisa imizimba yabo bazenze babe bancane bese bezinweba bazenze babebakhulu. - Abafundi abaqhathanise izandla zabo babone ukuthi ubani onesandla esikhulu, ubani futhi onesandla esincane. - Qhathanisa isandlda sikathisha nesomfundi - Qhathanisa ingalo kathisha neyomfundi. **Chaza, uhlele bese uqhathanisa izinto ezinhlangothi ntathu (3-D) nezimo ezinhlangothi mbili (2-D) ngobungako bazo** **Ukusebenzisa izinto ezi 3-D** - Bakha amabhola amabhola obumba amakhulu namancane - Thola izinto ezincane nezinkulu ekilasini. Faka uphawu olubomvu kulezo zinto ezinkulu bese kuthi ezincane uzifake uphawu oluphuzi. Khuluma ngokwehlukana kwezinto ngobukhulu. - Hlela izinto ngobukhulu nobuncane bazo. **Sebenzisa imifanekiso noma izithombe ezi 2-D:** Sebenzisa ulwazi olusho okukhulu nokuncane ngesikhathi sokwenza izinto zobuciko: - Buka izithombe zezinto ezinkulu nezincane. Sika lezi zithombe. - Abafundi abadwebe izandla zabo ephepheni bese belisika la maphepha ezandla. Thatha iphepha lesandla elilodwa ulibeke phezulu kwelinye. Buka ukuthi ubani onesandla esikhulu kunomunye. - Hlukanisa iphepha ka -2. - Namathisela zonke izinto ezincane kwingxeye eyodwa yephepha, bese unamathisela izinto ezinkulu kule enye ignxenye yephepha.	Abafundi Ubumba lokudlala Izinto ezinkulu nezincane amabhuku, amaphepha , izikhangiso, izikelo Iphepha eliyi A3, amakhirayoni.	Usuku olu-1

Isonto 2 **Ukuzijwayeza**	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.1 **Isikhundla, isimo nokubukeka kwento.**	**Chaza eyodwa noma ezimbalwa izinto ezingonhlangothi ntathu uma uziqhathanisa enye kwenye ngaphakathi nangaphandle** **Ukusebenzaisa umzimba** - Nika umfundi ngamunye ihula huphu.Uthisha uzobabonisa abafundi ngokudlala ebe esho amagama athi “phakathi phandle”. Kufanele bagxume bangene phakathi babuye bagxume baphume ngokomyalelo kathisha. - Ima ngomlenze owodwa ngaphakathi kwihula hupha kuthi omunye umlenze ungaphandle kwehula hupha. - Thatha ibhokisi , abafundi abagxume bangene phakathi baphinde bagxume baphume. Abafundi abasho ukuthi uphakathi noma ungaphandle. - Gxuma ungene phakathi ethayini uphinde ugxume uphume .Lokhu kuyisifundo sokunyakazisa umzimba. - Gxuma ungene phakathi uphinde ugxume uphume kwihula huphu ube uvale amehlo. **Ukusebenzisa izinto ezi3-D** Yenza abafundi: - Babeke udoli phakathi babuye bawukhiphe embheseni. - Phosa ibhola kwihula hupha noma ethayini. - Sebenzisa ubumba ulwenze ibhola bese uyalicindezela lube isicaba, ulwenze lube isidleke senyoni. Sebenzisa ubumba ukwenza amaqanda amancane ozowafaka ubuya uwakhiphe esidlekeni ngokomyalelo kathisha. **Ukusebenzisa imifanekiso noma izithombe ezi 2-D** Yenza abafundi: - Babuke izithombe bathole ukuthi Bangazisebenzisa kanjani ukukhuluma ngokungaphakathi nokungaphandle. - Abadwebe bona bengaphakathi nalapho bengaphandle kwezinto ezithize.	**Hula huphu** 	Usuku olu-1

Isonto 2 Ukuzijwayeza	Isikhathi esinconyiwe sokufunda: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.2 **izinto ezinhlangothi ntathu (3-D)**	**Akha izinto ezinhlangothi ntathu usebenzisa izinto eziphathekayo** • **Bheka izindlela ezahlukene zokusebenzisa amabhuloki ngesikhathi sikudlala okukhululekile.** - Umsebenzi kathisha ukusiza ukuqhuba lomdlalo. - Ukubheka izindlela zokusiza abafundi basebenzise amabhulok i ukwenza okuvundlile njengesicaba nalokho okusuka phezulu kuya phansi (umbhoshongo). - Hlela bese ulandelanisa amabhuloki ahlukene ngokuwabeka ngokufana ngokwesimo. - Hlela bese ulandelanisa izimo ezahlukene ngokuzibeka ngobukhulu. - Hlela amabhuloki ngobukhulu; amancane namakhulu ngokuhlukana. - Umfundi ngamunye uthola amabhuloki amathathu angunxande awabeke ngezindlela ezahlukene njngokuwabeka enze ulayini, awabeke aye phezulu njalonjalo. Abafundi Bangaqhathanisa futhi bakopele kwabanye izindlela zokubeka amabhuloki. - Khuthaza abafundi bapakishe amabhuloki ngendlela ebhalwe eshalofini lawo ngokuwaqondanisa nomugqa ofanayo.	Amabhuloki awapakishwe eshalofini elikhombisa uhlobo lwawo ngasemuva. Izinsiza kufundisa azibe ziningi njenge zithombe ezincane zezimoto, zezilwane, izimpawu zomgwaqo nokunye kuhlale kukhona.	Usuku olu-1 bese ukuphinda ngesikhathi sokwenza imidlalo ekhululekile nsukuzonke


Isonto 2 **Ukuzijwayeza**	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.7 **Ukuhlanganisa nokususa**	• **Xazulula izinkinga ezishiwo ngokuxoxa zokuhlanganisa nokususaezinezixaxululo ezifaka koku 3** **Ukukhuluma:**ukubala izinto zansukuzonke kufinyelele koku 3. Ukubala uye phambili ubuye uye emumva ngoku 3. **Ukusebenza komzimba** **Izibonelo:** 1. Uthisha ubiza abafundi aba 2 beze kukhaphethi abese ebiza omunye oyedwa. Bangaki abafundi uthisha ababizele kukhaphethi? Uthisha athi: 2 noku 1 kukunika 3. 2. Kunezingane ezintathu. Ingane ngayinye ifuna amakhirayoni ayo. Mangaki amakhirayoni adingekayo? 3. Izingane ezintathu zimi ndawonye. Eyodwa iyaphuma endlini. Zingaki ezisele? **Izinto eziphathekayo kusebenza izinto ezi 3-D** **Izibonelo:** 1. Uthisha ubeka izinto zokubala ezi 3 phezu kwetafula. Ususa izinto zokubala ezi 2. Zingaki izinto zokubala ezisele pheezu kwetafula? Uthisha uthi oku 3 ususa 1 kukunika 2. 2. uLindiwe unamakati ama 2 waphinda wathola elinye ikati eli 1 kuSphesihle. Mangaki amakati uLindiwe asenawo esewonke? 1 no 2→3. Uthisha uthi 1 no 2 kukunika 3. 3. Uma ikati eli 1 linomsila o 1, amakati amathathu anemisila emingaki? 1 no1no1→3	Abafundi Izinto zokubala	Usuku olu-1


Isonto 14	Izikhathi Zokufunda Eziphakanyisiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
2.1 **Amaphethini okusazibalo mdwebo**	• **Qedela iphethini elinikeziweelinezinto ezi 2** **Ukusebenza komzimba** - Yenza abafundi bakopishe iphethini yokwenza isib. Khele, khele, gxuma, gxuma, khele, khele, gxuma..... - Abafundi baqedela iphethini besebenzisa imizimba yabo isib.omunye uma eduze komunye beshintsha izandla ekhanda, izandla okalweni, izandla ekhanda, izandla okhalweni, izandla ekhanda ..... **Izinto eziphathekayo kusebenza izinto ezi 3-D** - Yenza abafundi bakopishe iphethini yezinto isib. Ubuhlalu, ubuhlalu, uthi, ubuhlalu, ubuhlalu, uthi	Inoma iziphi izinto	Usuku olu-1
	Izithombe ezisebenzisa izimo ezi 2-D - Uthisha unika abafundi izinhlobo zezithombe esezisikiwe. (Sika izithombe ngesikhathi somsebenzi wobuciko obubonakalayo) - Uthisha uqala iphethini abafundi bakopishe iphethini enikeziwe isib. Isithombe sekhofi, itiye, ushukela… - Yenza abafundi baqedele iphethini ngokudweba i: - Imbali, iqabunga, imbali..... - Indilinga eluhlaza, indilinga ebomvu, indilinga eluhlaza..... njll.	Izithombe zezikhangisi. Iphepha elingu A4 namakhirayoni	

Isonto 14	**Izikhathi Zokufunda Eziphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.2 **Izinto ezinhlangothi ntathu (3-D)**	• **Hlela bese uqhathanisa izinto ezi 3-D nezimo ezi 2-D ngokwendlela ethile** **Izinto eziphathekayo kusebenza izinto ezi 3-D** Hlukanisa abafundi amaqoqo ama 5. - uThisha uqoqa izinto ukuze iqoqo ngalinye lizozihlela okungenani ngezindlela ezethile ezimbili (kungaba nangaphezulu). - Nikeza iqoqo lezinto zezinhlobo ezimbili ezingahlelwa. Yenza abafundi**:** - Hlela izinto ngokufana nangokuhluka kwazo. **Izithombe ezisebenzisa izimo ezi 2-D** Gcina abafundi besemaqoqweni afanayo. - Qhathanisa uhlele izithombe ezehlukene eziqoqwe uthisha isib. Isib. Izithombe zezingubo ezahlukene, ukudla, ifenisha, izithuthi njll. - Yenza abafundi baqedele ishidi lokusebenzela beqondanisa izithombe ezimbili ezifanayo isib. Ibhulashi nomuthi wokuxubha, ithawula lokugeza ubuso nensipho.	Izinto ezifana ne: Izinto zokugqoka ezehlukene Izithelo ezehlukene Izilwane zoplastiki ezehlukene zasepulazini Izimo ijiyometri ezehlukene (Different geometric shapes) Mabhuloki okwakha ehlukene Amabhuloki ehlukene kaLego Izinto ezehlukene ezitholakala emvelweni ezifana namaqabunga, izinti, amatshe njll. Izinkinobho ezehlukene njll. Izivalo zamabhodlela ezinemibala eyehlukene Amakhirayoni ehlukene Qoqa izithombe emabhukwini naseziqeshini zezikhangisi. Sika unamathisele emakhadini.	Usuku olu-1

Isonto 14	**Izikhathi Zokufunda Eziphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.1 **Isikhundla, isimo nokubukeka kwento**	• **Isikhundla sezinto ezimbili noma ngaphezulu ngokuxhumana nomfundi** - **Gcizelela ulwazi olufundwayo “phezu/ngaphansi” noma “ngaphezulu”** **Ukusebenza komzimba** Umfundi ngamunye uhla phezu kwesitulo. - Abafundi bakukhombisa okungaphezulu nokungaphansi ngokulandela imilayelo kathisha isib. Hlala phezu kwebhokisi, lala ngaphansi kwebhokisi noma kwetafula. - Hlala ngaphansi kwetafula. Zenze ubemncane ngokungenzeka ngaphansi kwetafula. - Ima phezu kwesitulo bese uzinweba kakhulu ngokungenzeka. - Khwela phezu kwetafula ushwibe izingalo zakho ngezindilinga ezinkulu nezincane. Qhubeka isebenzise okukhulu ukune/ nokuncane ukune. - Beka ibholuki phezu kwekhanda bese ugibela phezu kwetafula. - Khetha abafundi abahlanu usebenzisa umlolozelo wezinombolo. - Hlebela umfundi ngamunye umyalelo. o Hlala nezandla zakho ngaphansi kwemilenze o Hlala nezandla zakho ngaphansi kokhalo o Hlala nezandla zakho emhlane o Hlala nezandla zakho emahlombe o Sukuma nezandla zakho ziphambene ngaphambili Abafundi bami ngaphambili ngesikhathi abanye behlezi kukhaphethi. Buza abafundi: - Wenzani umfundi wokuqala? *(uhlezi)* - Zilaphi izandla zakhe? *(izandla zakhe zingaphansi kwemilenze)* - Phinda nabanye abafundi usebenzisa owesibili, owesithathu, nowokugcina. - Khetha iqoqo elisha ukwenza okufanayo - Khiphela abafundi phandle ubenze bakhombise ulwazi loku “phezu’, “ngaphansi”, no “okungaphezulu” ngokukhombisa ukukukhuthalela.	Abafundi Ibhokisi  **phezulu ngaphansi**	



Isonto 15	**Izikhathi Zokufunda Eziphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	• **Gcizelela ulwazi olutholakele elifaka izinombolo 1,2 no 3** **Ukukhuluma**: ukubala izinto zansukuzonke kufinyelele koku 3. Ukubala uye phambili ubuye uye emumva 3. Ukubala bephimisela 1-7 **Ukugcizelela ulwazi loku "kuningi" noku "okumbalwa".** Shaya izandla kaningi ...IMA. Shaya izandla kambalwa. Uthisha ushaya izandla kuze kube ka -3	Amaculo ezinombolo nemilolozelo.	
	Ukusebenza komzimba Gqugquzela abafundi ukuthola: - Ingxenye e 1 yomzimba enyakazayo enganyakaza ukuya phezulu naphansi, ecaleni elilodwa nakwelinye ngokwalo isib.ulimi. - Izingxenye ezi 2 ezisetshenziswa uma kugxunywa isib. imilenze	Imizimba yabafundi. Ukucula nokulingisa iculo isib. 'bezintathu embhedeni kanye .....' Imilolozelo yokubala isib. "kunye kubili, faza izicathulo".	
	Izinto eziphathekayo kusebenza izinto ezi 3-D Yenza abafundi bathuthukise umqondo wenombolo: - Sebenzisa amabhuloki ama 3 ukwakha umbhoshongo - Ukuthola izinto ezi 3 ezisekilasini ezibomvu. **Izithombe ezisebenzisa izimo ezi 2-D** Uthisha udweba isithombe esilula - Uthisha ubuza imibuzo okuxhumene nenombolo yezinto ezisesithombeni isib. Ubona amafasitela amangaki njll?	Amabhuloki Izinto ezibomvu 	
1.2 **Bala uya phambili nasemumva**	• **Sebenzisa izinombolo 1, 2 kanye no-3 esimweni abasejwayele** **Ukukhuluma:** ukubala izinto zansukuzonke kufinyelele koku 3. Ukubala uye phambili ubuye uye emumva 3. **Ukugcizelela ulwazi loku "kuningi" noku "okumbalwa".** Shaya izandla kaningi ...IMA. Shaya izandla kambalwa. Uthisha ushaya izandla kuze kube ka -3 - Gqugquzela abafundi ukuthi bakhumbule inombolo yabo yasekhaya nekheli	Amaculo ezinombolo nemilolozelo.	Usuku olu-1


Isonto 15	**Izikhathi Zokufunda Eziphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.2 **Bala uya phambili nasemumva**	**Izithombe ezisebenzisa izimo ezi 2-D** Yenza abafundi: - Bheka izithombe ezinombolo 1, 2 no 3 ebhukwini nasemaphepheni ezikhangiso uwanamathisele ephepheni.(hlanganisa nobuciko obubonakalayo) - Qondanisa inombolo yezinto nenombolo yamachashazi ekhadini elivezwayo. - Khombisa ikhadi lamachashazi. Abafundi baphosa inombolo efanayo yezikhwanyana zikabhontshisi ebhokisini - Dlala ibhodi lomudlalo “Izinyoka nezitebhisi” nama “dominoes”.	Amabhuku, izikhangiso Ikhadi elivezwayo elinamachashaza  Izikhwanyana zikabhontshisi “Izinyoka nezitebhisi” ibhodi lokudlala amaDomino	Usuku olu-1
Amanothi: Izinombolo zisizungezile: - Inombolo ngayinye inenombolo - Sonke sinezinombolo zocingo ezehlukene - Siyazibona izinombolo emafasiteleni ezitolo. - Siyazibona izinombolo emikhiqizweni uma sithenga esitolo - Siyazibona izinombolo ezimotweni			
1.4 **Chaza, qhathanisa bese uhlela izinombolo**	• **Hlela bese uqhathanisa izinto eziqoqiwe usebenzisa “kuningi kune,kuncane kune” kanye “kuyalingana”ufike kunombolo yesi-3** **Ukusebenza komzimba** Biza abafundi abathathu beze ngaphambili .Mabahlale benze indilinga - Abafundi ababili mabame. Bangaki abahleli? Babale. Bangaki abamile? Babale. Iyiphi inombolo enkulu /nenabaningi, iyiphi inombolo enokukuncane /okumbalwa? - Abafundi abathathu abame. Babale. Iyiphi inombolo enokuningi/ okuncane? Umfundi oyedwa ngaphezulu makame. Babale. Ingabe abafundi abamile baningi yini kunabafundi abahleli? - Phinda ngezinombolo 1kuya koku-3 - Bala amantombazane.Bala abafana. Ingabe abafana baniningi kunamantombazane?		Usuku olu-1


Isonto 15	Izikhathi Zokufunda Eziphakanyisiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.4 **Chaza, qhathanisa bese uhlela izinombolo**	• **Sebenzisa izinto eziphathekayo ezinhlangothi ntathu (3-D)** Hlukanisa abafundi babengamaqembu ama-5 Nika iqembu ngalinye isinqamu sentambo/iwuli kanye nezinto ezi ± 5. Abafundi bakha isidleke ngewuli. - Uthisha uhlebela iqembu ngalinye ukuthi lenze iqoqo lezinto ezintathu noma ezimbili noma eyodwa esidlekeni. - Abafundi kumele bakhombe ukuthi yiliphi iqoqo elinezinto ezingaphezu kweyodwa. - Yiliphi iqembu elinezinto ezingaphansi kwezintathu? - Yiliphi iqembu elinezinto ezinenani elifanayo?.	Intambo Izinto ezi-5 zeqembu	Usuku olu-1
2.1 **Amaphethini okusazibalo mdwebo**	• **Kopisha bese uqedela iphethini elinikeziwe ngokwemibala obomvu, okuluhlaza nokuphuzi** **Ukusebenza komzimba** - Uthisha uyayilingisa iphethini. Aphindaphinde alandele isigqi isib. o Ihlombe, ukuqhwaba (iminwe) ihlombe, ukuqhwaba o Qhwaba, ihlombe, gxoba ,qhwaba, ihlombe, gxoba o Ihlombe, qhwaba, ihlombe, qhwaba,ihlombe, qhwaba **Izinto eziphathekayo kusebenza izinto ezi 3-D** Uthisha unika umfundi ngamunye imibala emi-3 obomvu, 3 okuluhlaza, 3 okuphuzi izinto zokubala noma izivalo zamabhodlela. Yenza abafundi: - **Kopisha** iphethini elinikezwe uthisha isib. Obomvu, oluhlaza,ophuzi nophuzi (phindaphinda kaningi ngephethini ehlukile) - **Qedela** iphethini oyinikiwe isib. Ophuzi, obomvu…… (phindaphinda kaningi ngephethini ehlukile) - Yenza abafundi bahlele izinto zokubala ngokwemibala emithathu ehlukene.		Usuku olu-1
	Izithombe ezisebenzisa izimo ezi 2-D - Nikeza umfundi ngamunye iphepha - Yenza abafundi baqedele iphethini yesimo esi 2-D njengomphetho - Qedela isithombe sobuciko obubonakalayo ngokudweba isithombe phakathi nendawo. 	Iphepha elingu A4 lomfundi ngamunye amakhilayoni	


Isonto 15	Izikhathi Zokufunda Eziphakanyisiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
4.2 **Ubude**	**Qhathanisa uhlele izinto eziphathekayo usebenzisa ulwazi lwamagama ukuchaza ubude** - **Okude, okufishane** - **Ukudana, okufishanyana** - **Okude kakhulu, okufishane kakhulu** **Ukusebenza komzimba** - Yenza umfundi oyedwa alale phansi, bese wenza abafundi babeke amabhuloki eduze komzimba wakhe - Uthisha ucela abafundi bonke ukuba bakhe into ethile emfishane kunomngane wabo, nokude kunomngane wabo Yenza abafundi ba: - Isiphi isakhiwo esidana kuno? - Isiphi futhi isakhiwo eside kakhulu? - Isiphi isakhiwo esifushanyana? - Isiphi isakhiwo esifishane kakhulu?	Amabhuloki okwakha	
	Yenza abafundi bahlele izinto ezinhlobonhlobo - Kusukela kokude kakhulu kuya kokufishane kakhulu - Kusukela kokufishane kakhulu kuya kokude kakhulu - Yenza abafundi baqhathanise ubude bezinto ezahlukene. Uthisha unika abafundi izinqamu zentambo. Khuthaza abafundi ukuba baqagele ngaphambi kokuthi bakale. Yenza abafundi bakale - Ikhanda lomunye - izinyawo zomunye - amaqakala abo - izihlakala zabo - yenza baqhathanise ubude obehlukene ngokubona ukuthi isiphi isinqamu esidana noma esifishanyana isib. Isinqamu sentambo esikale ikhanda sidana kunesikale isihlakala. - Yenza abafundi basho ukuthi ukuqagela kwabo bekuyiqiniso yini.	Intambo Izichibi zendwangu Amakhirayoni anobude obuhlukene Iwuli noma intambo abafundi	


Isonto 16	Izikhathi Zokufunda Eziphakanyisiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	• **Yethula ulwazi olutholakele olifaka inombolo oku 4** **Ukukhuluma:**ukubala izinto zansukuzonke kufinyelele koku 4. Ukubala uye phambili ubuye uye emumva 4. Ukubala bephimisela 1-7	 Amaculo ezinombolo nemilolozelo Abafundi uqobo	Usuku olu-1
	Ukugcizelela ulwazi loku "kuningi" noku "okumbalwa". Shaya izandla kaningi ...IMA. Shaya izandla kambalwa. Uthisha ushaya izandla kuze kube ka -4. **Ukusebenza komzimba** Yenza abafundi: - Nqekuzisa ikhanda ka 4. - Kwenziwa inombolo 4 kusetshenziswa imizimba. - Abafundi basho ukuthi Bangaki abafundi abazobadinga. - Abafundi badlala amehlo. Uthisha ushaya phezu kwetafula ka 4. - Bavula amehlo abo basho ukuthi kungalki ukushaywa kwetafula abakuzwile. Uphinde ngezinombolo 1kuya 4.		

Isonto 16	**Izikhathi Zokufunda Eziphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	**Izinto eziphathekayo kusebenza izinto ezi 3-D** Yenza abafundi: - Yenza inombolo 4 ngobumba lokudlala. - Thola aBangani abane 4 abagqoke izicathulo. - Thola izinto ezi 4 eziyindilinga. - Bopha amehlo abafundi ubenze babone izinombolo 1 kuya 4 ngokuzwa/ukudweba phezu kwenombolo yesendiphepha. - Thuthukisisa ukuqaphela ukugcinwa kwenombolo ngokwenza abafundi bapakishe izinto zokubala ezine nomas ezinye izinto ngezindlela ezahlukene isib.  Uma kubalwa, inombolo yezinto ayiphazamiseki ubukhulu, noma isikhundla , noma izinto zohlobo olufanayo. Isibonelo: - Hlela izinkinobho ezi 4, 4 amapensela, 4 amahula huphu, 4 abafundi njll. - Zibale ngokuhleleka okufanele isib. Zibale ngokuzendlala, uzisondezele ndawonye, emugqeni noma ngokuzipakisha **Izithombe ezisebenzisa izimo ezi 2-D** Yenza abafundi: - Babheke izithombe ezi 4 bese bezinamathisela ephepheni. - Baqondanise inombolo yezinto nenombolo yamachashazi ekhadini elivezwayo. - Khomba ikhadi elivezwayo elinamachashazi amane.	Ubumba lokudlala Izinto eziyindilinga Yenza isethi **yezinombolo zamakhadi ezinombolo zikasendiphepha** uzinamathisele emakhadini aseceleni. Uma ungawavikela ngokuwamboza ngokusapulasitiki la makhadi abafundi Bangakwazi nokwenza izinombolo zobumba emakhadini. 4 Izinto zokubala noma 4izinto umfundi ngamunye. Amabhuku, amapheshana ezikhangisi,izikhangisi. A4 Iphepha neglu- **Isithombe sezinto ezi 4** 	Usuku olu-1

Isonto 16	**Izikhathi Zokufunda Eziphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.4 **Chaza, qhathanisa bese uhlela izinombolo**	• **Sebenzisa inombolo 4 esimweni esijwayelekile** - Ikwenza ucabangeni inombolo 4? Imoto - amasondo amane Isihlalo - imilenze emine Inja - izidlda ezine Itafula - imilenze emine - Ukuthuthukisa ukwazi izinto sakuhuba, khuthaza abafundi ukuba bazi izinombolo namakheli asemakubo sakuhuba. **Izinto eziphathekayo kusebenza izinto ezi 3-D** - Nikeza ithuba lokudlala imidlalo yenombolo khadi ekhona ekilasini lakho. **Izithombe ezisebenzisa izimo ezi 2-D** - Khombisa ikadi lophawu lwenombolo 4. Dlala imidlalo enjenga le: - Uma inamba yomuzi wakini inenombolo 4 kuyona shaya izandla ka-4.. - Thola umngani ekilasini lakho onenombolo yendlu efanayo neyakho..(Abafundi babuza aBangani izinamba zezindlu zabo) - Ekabani inombolo yendlu engaphezu kuka- 4? - Khombisa abafundi ikhadi elinamachashazi amane. - Khomba ikhadi elinezithombe ezine..	Amakheli emizi yakubo kwabafundi Abafundi **4** Noma imaphi amakhadi ezinombolo okudlala akhona. **Isithombe sezinto ezi 4**  Amakhadi akhombisa izithombe ezi-4 kanye namachashazi ama-4.	Usuku olu-1


Isonto 16	**Izikhathi Zokufunda Eziphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.2 **izinto ezinhlangothi ntathu (3-D)**	• **Bona izinto ezinokwenziwa amabhuloki okwakha** Yenza abafundi: - Basebenzise noma IMAphi amabhuloki amane ukwakha isakhiwo.. - Bakhe isakhiwo isingamabhuloki ama 3 ukuphakama nama5 ukuvundla. - Basebenzise amabhuloki amaningi ngendlela abayidingayo ukwakha isitimela. - Bakhombe okunguyena owakhe isitimela eside kunabo bonke. - Bakhe umbhoshongo omude (Obheke phezulu). - Bakhe isakhiwo esiyicaba, isib. Umgwaqo noma indlu (obheke ohlangothini). - Bakhombe owakhe umbhoshongo omude kunayo yonke. - Banikeze amabhuloki okwakha ngesikhathi esikhululekile sokudlala ngaphakathi ukuze abafundi baqhubeke nokusebenzisa amabhuloki okwakha.	Amabhuloki okwakha isib. 	Usuku olu-1
3.3 **Izimo ezinhlangothi mbili (2-D)**	• **Bathuthukise ikhono lokwehlukanisa kwezimo endaweni yethu, ngaphandle kobukhulu noma iyengela yobukhulu.** - Ukugcina isimo (ukwenza kufane) **Okusebenzisa ukunyakaza komzimba** Yenza abafundi emaqenjini angama-3: - Balale phansi bakhe unxantathu ngemizimba yabo. Batshele ukuthi nakuba onxantathu abenziwe ngemizimba ehlukene bengafani, kodwa nabo kuseyibona onxathathu. - Uthisha udweba izinhlobo ezahlukene zonxantathu phansi/emhlabathini, isib.  - Abafundi bahamba eceleni kukanxantathu ngamunye bazizwele izinhlobo ezahlukene zamayengela ngemizimba yabo. **Izinto eziphathekayo kusebenza izinto ezi 3-D** - Sebenzisa 7 izinto zokubala uzibeke zakhe umugqa oqondile. 	Abafundi 7 Izinto zokubala kumfundi ngamunye	Usuku olu-1 Khetha okukodwa okuzosebenzisa umzimba, nemisebenzi izinto eziphathekayo nezithombe


Isonto 16	**Izikhathi Zokufunda Eziphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.3 **Izimo ezi 2-D**	Sebenzisa izinto zokubala zakhe umugqa ogobile.  Sebenzisa izinto zokubala ukwakha umugqa omazombezombe  Batshele ukuthi nakuba onxantathu babafundi bengafani kodwa leyo mumo kusengonxantathu. 		
	Izinto eziphatheka ngokungaphelele ezisebenzisa izimo ezi 2-D Uthisha udweba izinhlobo ezinhlanu zezindilinga, zonxantathu kanye nezikwele ekhadini elivezwayo,isib.  Uthisha uhlukanisa abafundi ngamaqembu. Yenza abafundi: - Ukubona amakhadi avezwayo awunxantathu kwamanye ezinye izimo	Amakhadi anezindilinga ezi -5 ezahlukene, onxantahtu nezikwele	


Isonto 16	**Izikhathi Zokufunda Eziphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
4.2 **Ubude**	**Qhathanisa uhlele izinto eziphathekayo usebenzisa amagama amasha anembayo ukuchaza ubude** - Kude, kufishane - Kude ngokuthe xaxa, kufishanyana - Kude kakhulu, kufishane kakhulu - Kufishane, kufishanyana, kufishane kakhulu - Kude, kude ngokuthe xaxa, kude kakhulu **Gcizelela ulwazi lobude** **Ukusebenza komzimba** Yenza abafundi: - Babone ubude ngokuqhathanisa izinto nezinye. - Khomba ukuthi iyiphi into ende kakhulu nokuthi iyiphi emfishane kakhulu - Qhathanisa ubude babafundi ababili bese kukhonjwa ukuthi imuphi umfundi omfishane nomude - Qhathanisa ubude babafundi aBangaphezu kwababili bese ubuza imibuzo efana nale “imuphi umfundi omfishane kakhulu nokuthi imuphi omude kunabobonke. - Uthisha ulinganisa abafundi futhi esebenzisa ishadi lobude kusukela kuthemu yokuqala. - Uthisha ushiya umsebenzi awubhalile wethemu edlule. (izandla ezinezimpawu zabafundi/izithombe) khona bezoqhathanisa izilinganiso ezimbili. - Abafundi babona ukuthi ngabe bakhulile ukunangethemu edlule. - Ubani ongakhulanga nhlobo? - Ubani okhulile kusukela ngethemu yokuqala?Isib. o USipho igxatho elingangesandla. o Ubude buka Themba busafana nasekuqaleni	Amapensela, intambo, amaphegi, njll. Isandla Ishadi lokulinganisa ubude  	Usuku olu-1

Isonto 17	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekelwe**
1.1 **Bala izinto**	• **Ukugcizelela ulwazi olutholwe ngokuqonda inombolo-4** **Ukukhuluma**: ukubalaizinto ufike-4 nsukuzonke. Ukubala uya phambili nokubala uya emumva ufike ku-4. **Ukugcizelela ulwazi "lokuningi" no "kuncane".** Ukushaya ihlombe izikhathi eziningi …… IMA. Ukushaya ihlombe izikhathi ezimbalwa.Shaya ihlombe ufike ko-4.	Amaculo nemilolozelo yezinombolo	Usuku olu -1
	Ukusebenzisa umzimba Yenza abafundi ba; - Bhala inombolo-4 emoyeni usebenzisa umunwe. - Ukucula iculo isib. 'amabhodlela aluhlaza sasibhakabhaka alenga obondeni....' - Phenduka izikhathi ezi- 4.		
	Ukusebenzisa izinto eziphathekayo ezinhlangothi ntathu-3-D Yenza abafundi bathuthukiswe ngolwazi lwezinombolo ba: - Dwebe esihlabathini inombolo-4. - Thola u-4 ngezinto ezinhlangothi ntathu-3-D ezigingqikayo - Yakha amaphazili ngezingxenye ezi-4. **Ukusebenzisa izimo noma izithombe zonhlangothi mbili 2-D** - Uthisha ukhetha amakhadi-4 anamagama.Uthisha uveza igama bese kulandela isithombe sethoyisi noma sesilwane. - Umfundi igama lakhe eliveziwe utshengisa ngokwenza umsindo walelothoyisi eliwenzayo. - Phinda ngokuveza onke amagama omane aze aphele. - Buza ukuthi mangaki amagama abafundi aveziwe? Mangaki amathoyisi/izithombe zezilwane ozibonile?	Ibhokisi/ipani lokubhaka eliyisicaba esinesihlabathi Izinto ezinhlangothi nthathu-3-D ezigingqikayo Izingxenye ezi-4 zephazili Amakhadi anesithombe sethoyisi Amakhadi anezithombe sesilwane	

Isonto 17	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekelwe**
1.3 **Izimpawu namagama ezinombolo**	**Ukwazi izimpawu zezinombolo nokubona igama lenombolo 4.**	Amaculo nemilolozelo yezinombolo	Usuku olu -1
	Ukugcizelela ulwazi “lokuningi” no “kuncane”. Ukushaya ihlombe izikhathi eziningi …… IMA. Ukushaya ihlombe izikhathi ezimbalwa.Shaya ihlombe ufike ko-4. **Ukusebenzisa umzimba** - Ukubhala inombolo uku-4 emoyeni.Bhala phansi, emhlane womngani wakho - Phakamisa iminwe e-4 - Uthisha udlala isigubhu. Uma isigubhu sithula,abafundi bakha amaqenjana nga-4		
	Ukusebenzisa izimo noma izithombe zonhlangothi mbili2-D - Tshengisa abafundi amaflashikhadi anenombolo-4 - Khomba igama lenombolo emakhadini ezinombolo - Hlanganisa igama lenombolo nezinto ezilinani zaleyonombolo.	Iflashikhadi nenombolo Iflashikhadi negama lenombolo-ukune izinto ezinhlangothi ntathu 3-D **4** **kune**	


Isonto 17	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekelwe**
1.7 **Ukuhlanganisa nokususa**	• **Ukuxazulula nokuchaza ngokukhuluma ukuthi uyixazulule kanjani inking yamagama ezibalo (izibalo zengxoxo) nalezo ezifaka inombolo-4** **Ukusebenzisa izinto eziphathekayo ezinhlangothi ntathu 3-D** **Izibonelo:** 1. Uthisha unika amabhuloki ama-2 ubuvele unawo ama-2. usunamabhuloki amangaki esewonke? 2. Uma unezindilinga eziluhlaza ezi-2 nezinye ezi-2 ezibomvu,unezindilinga ezingaki sezizonke? 3. USipho unamakhilayoni angu-4 kanti uJabu une-1 ikhilayoni.Ubani onamakhilayoni amaningi? 4. Uma uMuhle enonodoli aba-4 walahla owo-1, usele nonodoli aBangaki? Hlukanisa abafundi ngamaqembu. - Nika iqembu ngalinye inqwaba yezinto isib. amapensela, amakhilayoni, izinkomishi, izimo.Yenza abafundi babelane ngezinto abazitholile ilungu nelunga lithole eqenjini. (okukodwa-nokukodwa- okuqondene) - Buza imibuzo njengale: “zikhona yini izinto ezisalile ?” - (uthisha akabe nesiqiniseko sokuthi ubanika izinto ezingaphezu kwesibalo sabo eqenjini.Susa lezo zinto ezizotshengisa ukwabelana ngokulinganayo)	 amabhuloki amakhirayoni izindlinga eziluhlaza njengesibhakabhaka onodoli izinto ezanele (ngomfundi ngamunye) njengamapensela,amakhilayoni, izinkomishi,izimo.	Usuku olu -1

Isonto 17	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekelwe**
1.4 **Chaza, qhathanisa bese uhlela izinombolo**	• **Ukuhlela nokuqhathanisa amaqoqo ezinto usebenzisa ‘’okuningi kune.., okuncane kune…” no “kulingana”ufikekunombolo-4** Hlukanisa abafundi ngamaqembu - Uthisha unika iqembu ngalinye izinto zokubala ezi-4nezinqamu zewuli/nsonto ezimbili Yenza amaqembu ba: - Bakha izindilinga ezimbili (amasethi)ngewuli. - Ngokulandela umyalo kathisha babeka izinto zokubala esethini ngayinye. - Amalunga eqenjini bakhomba ukuthi yiliphi isethi elithole izinto zokubala eziningi kunenye.? (okuningi kune) - Yiyiphi indilinga enezinto ezincane kunenye.? (okumbalwa) - Yiyiphi indilinga enezinto zokubala ezinenani elilinganayo kunenye? (ukulingana) **Ukusebenzisa izimo noma izithombe zonhlangothi mbili 2-D** Hlela isethi yamakhadi ezithombe ngokulandelanisa okufanele **Isithombe sento e-1** | **Isithombe sezinto ezi-2** | **Isithombe sezinto ezi-3** | **Isithombe sezinto ezi-4**  Hlela isethi lamakhadi amachashazi ngokulandelana okufanele. Isib. - Buza imibuzo enjengale “Yiliphi ikhadi elinezinto/amachashazi amaningi? - Yiyiphi inombolo enokuningi kuno-2 njll?	iwuli/intambo izinto zokubala ezi-4	Usuku olu -1

Isonto 17	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekelwe**
5.1 **Qoqa bese uhlela izinto**	• **Ukuthuthukisa indlela yokusebenza ngolwazi oluqokelelwe.** **Ukusebenzisa izinto eziphathekayo ezinhlangothi mbili 3-D** - Yenza abafundi baqoqe izinduku ezi-9. - Hlela lezinduku ngobungako bobuncane nobude	Abafundi benza awabo amaqoqo ezinduku	Usuku olu -1
5.2 **okumele izinto eziqoqiwe**	**Ukudweba igrafu nokukhangisa ngolwazi** **Ukusebenzisa izimo noma izithombe ezinhlangothi mbili 2-D** - Yenza igrafu yesithombe ngezinduku - Abafundi bapakisha izinduku kwigrafu yezithombe ngobungako bazo isib.okuncane nokude.  	Iphepha lokubhalela legrafu yesithombe. Uthisha udweba ephepheni eli-A4 izikhala ezifanele zomfundi ngamunye	
5.3 **Xoxa bese usho ngezinto eziqoqiwe**	**Ukufunda nokuhumusha amagrafu** • Xoxa ngemiphumela ngokubuza lemibuzo isib. “Zingaki izinduku ezincane ezilapho? Zingaki izinduku ezinde? Yiziphi eziningi/ezimbalwa?		


Isonto 18	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekelwe**
1.1 **Bala izinto**	• **Ukugcizelela ulwazi olutholwe ngokuhlanganisa izinombolo- 1, 2, 3 no 4.** **Ukukhuluma;**ukubala izinto ufike ku-4 nsukuzonke. Ukubala uya phambili nokubala uye emumva ufike ku-4. Ukubala okusakuhuba 1-7 **Ukugcizelela ulwazi "okuningi" no "kuncane"** Ukushaya ihlombe izikhathi eziningi …… IMA. Ukushaya ihlombe izikhathi ezimbalwa. Shaya ihlombe ufike ko-4 **Ukusebenzisa umzimba** Yenza abafundi ba: - Bhala phezu kwayo inombolo-1 emoyeniusebenzisa umunwe. - Abafundi bathinta amakhanda abo izikhathi ezi-2 - Xhawulana nabafundi abanye aba-4 . - Vala amehlo abafundi bese bekhomba izinombolo bengaziboni kusuka ko-1-kuya-4 ngokuyizwa/ngokubhala phezu kwayo inombolo eyenziwe ngesihlabathi esinamathiselwe emakhadini. **Ukusebenzisa izinto eziphathekayo ezinhlangothi ntathu 3-D** Yenza abafundi ba: - Dweba inombolo-1 esihlabathini. - Thola izinombolo ezi-3 zezinto ezifanayo. - Gxuma endaweni eyodwa izikhathi ezi-2.(kabili) - Yakha iphazili enezingxenye ezi- 4 nangaphezulu.	Amaculo nemilolozelo yezinombolo Ipani /ibhokisi lesihlabathi Isethi lamakhadi ezinombolo ezibhalwe ngesihlabathi. Izinto abafundi 4-izingxenye zephazili	Usuku olu -1
1.11 **Imali**	• **Ukubona nokukhomba izimali yaseMzansi Africa** **Ukusebenzisa izinto eziphathekayo ezinhlangothi ntathu 3-D** - Yenza abafundi bazi ngezilwane ezehlukene nezithombe zezitshalo ezisemalini. - Ukusebenzisa imali kungasebenza esifundweni samaKhono eMpilo lapho abafundi bezodlala isitolo.Ngokudlala isitolo abafundi Bangathola ithuba lokubona izinhlamvu zemali ezehlukene.	5c,10c,20c,50c,R1,00,R2,00 no R5,00 imali (imali yokudlala noma imali yangempela)	Usuku olu -1

Isonto 18	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekelwe**
1.7 **Ukuhlanganisa nokususa**	**Ukuxazulula izinkinga ngokukhuluma ozinikeziwe ngokuhlanganisa nokususa ngemiphumela ufike ku-4** **Ukukhuluma;**ukubala izinto ufike ku-4 nsukuzonke. Ukubala uya phambili nokubala uye emumva ufike ku-4 Ukubala okusakuhuba 1-7 **Ukugcizelela ulwazi "lokuningi" no "kuncane".** Ukushaya ihlombe izikhathi eziningi …… IMA. Ukushaya ihlombe izikhathi ezimbalwa.Shaya ihlombe ufike ko-4. **Ukunyakazisa umzimba** Izibonelo: 1. Uthisha ubiza umfundi o-1 ngaphambi kwekilasi. Usebiza abanye abafundi abangu-3. Bangaki abafundi ababiziwe sebebonke? 2. Uthisha upakisha izinto zokubala ezi-3. Wengeza eyodwa futhi. Zingaki izinto zokubala ezisetafuleni? 3. Abafundi bama ngaphambi kwekilasi. Uthisha ucela umfundi oyedwa ukuba ayohlala phansi. Bangaki abafundi abami ngaphambi kwekilasi manje? 4. UBusi unamapensela ang-4. Wanika uSifundo amapensela ama-2. Mangaki amapensela uBusi asele nawo?	Amaculo nemilolozelo yezinombolo Abafundi Izinto zokubala amapensela Sebenzisa izinhlobo eziningi zezinsiza ukunika umqondo wokusebenzisa amasu ahlukene.	Usuku olu -1

Isonto 18	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekelwe**
1.4 **Chaza, qhathanisa bese uhlela izinombolo**	• **Ukuhlela nokuqhathanisa amaqoqo ezinto usebenzisa 'kuningi kune…, kuncane kune…" no "okulingene" ufike kunombolo-4** **ukusebenzisa izinto eziphathekayo ezinhlangothi ntathu 3-D** - uthisha unika ilunga ngalinye leqembu amakhilayoni ambalwa. - Amalunga eqembu kumele akhombe ukuthi yimuphi umfundi onamakhilayoni amaningi kunabanye - Yimuphi umfundi onamakhilayoni amancane kunabanye? - Yibaphi abafundi abanamakhilayoni anenani elifanyo? **Ukusebenzisa izimo ezingonhlangothi mbili 2-D** - Hlela isethi lamakhadi ezinombololana afaka izinombolo u-1 kuya 5 ngendlela efanele isib..  - Buza imibuzo kanje; Yiliphi ikhadi elinezinto/amachashazi amaningi? - Yiyiphi inombolo enokuningi kuno-2 njll?	Amakhilayoni Amakhadi amachashazi nezinombolo	Usuku olu -1

Isonto 18	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekelwe**
2.1 **Amaphethini okusazibalo mdwebo**	• **Ukukopisha nokuqedela iphethini oyinikiwe ngemali.** **Ukukopisha iphethini oynikiwe** - Uthisha uhlela iphethini esebenzisa “imali yokudlala” isib. 5c, 5c, 5c, 10c, 10c,10c,20c, 20c, 20c Yenza abafundi ba: - Bazokopisha amaphethini ambalwa enziwe uthisha. **Ukuqedela iphethini abayinikiwe** Yenza abafundi ba: - Qedela amaphethini ambalwa enziwe uthisha isib. o 5c, 5c, 10c, 10c,…… o 5c, 10c,…… o 10c, ,20c…….njill.	Imali yokudlala noma imali yangempela (5c,10c,20c)	Usuku olu -1

Isonto 19	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekelwe**
1.1 **Bala izinto**	• **Ukugcizelela ulwazi olutholiwe noluhlanganisa izinombolo 1,2,3 no** 4 **Ukukhuluma:** ukubala izinto ufike ku-4 nsukuzonke. Ukubala uya phambili nokubala uye emumva ufike ku-4 Ukubala okusakuhuba 1-7 **Ukugcizelela ulwazi "lokuningi" no "kuncane".** Ukushaya ihlombe izikhathi eziningi …… IMA. Ukushaya ihlombe izikhathi ezimbalwa.Shaya ihlombe ufike ko-4. **Ukusebenzisa umzimba** Uthisha uphakamisa ikhadi lenombolo ebhalwe inombolo-3 bese ethi kubafundi: - Ngifuna abafana abaningi. - Aphakamise inombolo-2 bese ethi, ngifuna amantombazane ayileli nani. - Yenzani amaqembu nga (ephakamisa inombolo 2). - Phinda lomsebenzi wamakhadi ufake izinombolo-1-4	Amaculo nemilolozelo ezinombolo Izimpawu zamakhadi ezinombolo ezifaka izinombolo-1 kuya 4 Isib. **3**	Usuku olu-1
1.16 **Izibalo zekhanda**	**Izibalo zekhanda** Uthisha uphakamisa ikhadi lenombolo-3 bese ebuza abafundi: - Iyiphi lenombolo? - Yiyiphi inombolo eza ngaphambi kwenombolo-3? - Iinombolo eza emumva kwenombolo-3? - Phinda lomsebenzi ngezinombolo-1 kuya 4 - Ungangitshengisa ikhadi lesithombe elinenombolo efanaelinenombolo efana nalo?	Isethi lamakhadi lesithombe namachashazi elifaka izinombolo-1 kuya 4	

Isonto 19	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekelwe**
1.16 **Izibalo zekhanda**	**Ukusebenzisa izinto eziphathekayo ezinhlangothi ntathu 3-D** - Uthisha ushaya ihlombe elandela isigqi esithile abuye anense ukukhombisa inombolo ethile. Abafundi bakhipha ubuhlalu obuningi bese bebubeka obala. Isib.ubuhlalu obu-4 - Yenza abafundi babeke ubuhlalu obu-1, 2, 3 no 4 phambi kwabo. - Tshela abafundi baveze ukuthi bungaki ubuhlalu abanabo ngokuqondanisa inani lobuhlalu nefleshikhadi yenombolo elingana nobuhlalu.isib.ubuhlalu obu-4 nenombolo-4 - Benze bafune umfundi onobuhlalu obulingana naleyonombolo. **Ukusebenzisa izimo noma izithombe ezinhlangothi mbili 2-D** Uthisha uphakamisa ikhadi lamachashazi amele inombolo uku-2 bese ebuza abafundi: - Mangaki amachashazi kulelikhadi? - Iyiphi inombolo emele lamachashazi? - Iyiphi inombolo eza ngemumva kwalenombolo? - Badweba inani lamachashazi afanayo ephepheni abalinikiwe.	ubuhlalu obu-4 kumfundi ngamunye Amaflashikhadi ezinombolo 1,2,3 no 4 Amaflashikhadi amachashazi 	

Isonto 19	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekelwe**
1.7 **Ukuhlanganisa nokususa**	• **Ukuxazulula izinkinga ngokukhuluma ozinikeziwe ngokuhlanganisa nokususa (izibalo zengxoxo) ngemiphumela ufike ku-4** **Ukunyakazisa umzimba** - Biza abafundi aba-3 phambi kwekilasi.Ababalwe. - Biza omunye umfundi-1 ' Bangaki abafundi sebebonke?3 no 1→4 (okuthathu nokukodwa kusinika- 4) - Phindisela emumva abafundi aba-3 beyohlala phansi.Bangaki abafundi abasele manje? 4 susa 3→1 Hlukanisa ikilasi ngamaqembu. Buza lemibuzo: - Mangaki amakhala owabonayo eqenjini lakho? - Mingaki imilomo? - Mingaki imizimba: - Kubafundi ababili, mangaki amehlo? - Kubafundi ababili,mingaki imilenze? **Ukusebenzisa izimo eziphathekayo ezinhlangothi ntathu 3-D** Izibonelo: 1. Ubaba kaLindiwe unemoto.Mangaki amasondo emoto yakhe? 2. Uma isondo lemoto liphantshile, uyalikhipha emotweni, mangaki amasondo asele? 3. Isikhukhukazi sinamachwane amane. Amachwane amabili ayalahleka. Mangaki amachwane asele nesikhukhukazi? 4. Isikhukhukazi siyawathola amachwane aso abelahlekile. Mangaki amachwane esinawo manje?	Izinto zokubala Sebenzisa izinhlobo eziningi zezinsiza ukunika umqondo wokusebenzisa amasu ahlukene	Usuku olu -1


Isonto 19	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekelwe**
1.4 **Chaza, qhathanisa bese uhlela izinombolo**	• **Ukuhlela nokuqhathanisa amaqoqo ezinto usebenzisa 'kuningi kune…, kuncane kune…" no "okulingene" ufike kunombolo-** **Ukusebenzisa umzimba** - Uthisha ubeka izinto ezehlukene etafuleni.isib.amakhilayono ama-2, amabhuloki afanayo ama-4,amathini ama-3, izincwadi ezi-2 Yenza abafundi ba; - Bala inani lamakhilayoni nelamathini.Kungabe amakhilayoni amaningi noma amathini? - Bala inani lamabhuloki nelezincwadi. Ingabe amabhuloki amancane kunezincwadi? Ingabe amabhuloki amaningi kunezincwadi? - Bala izincwadi namakhilayoni.Ingabe inani lalezizinto liyalingana noma cha?	Amakhilayoni,amabhuloki,amathini,izincwadi	Usuku olu -1
	Ukuebenzisa izinto eziphathekayo ezinhlangothi ntathu 3-D - Yenza abafundi bahlale phansi ubanike izinto zokubala eziningi umfundi ngamunye. - Abafundi mabathole amanani ahlukene ezinto zokubala. - Yenza abafundi babeke izinto zokubala phambi kwabo. Uthisha ubuza abafundi: o Ubani onezinto zokubala eziningi? o Ubani onezinto zokubala ezincane? o Obani abanezinto zokubala ezinenani elinganayo?	Izinto zokubala Uthisha unika umfundi ngamunye amanani ahlukene ezinto zokubala kufike ku-4	
3.3 **Izimo ezinhlangothi mbili (2-D)**	**Ukubona, ukukhomba nokubiza izimo ezinhlangothi mbili ekilasini nasezithombeni.** • **Ukwenza nokuqedela iphazili yakhe enezingxenye ezi-4** (hlanganisa nobucko bukubuka) Yenza abafundi ba: - Dweba isithombe ephepheni eli- A4. - Uthisha udweba imigqa ngemumva kwephepha elinommdwebo. womfundi - Umfundi usika isithombe elandela imigqa edwetshiwe. - Umfundi uqedela /akhe iphazili yakhe	imidwebo yabafundi 	Usuku olu -1



Isonto 19	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekelwe**
4.1 **Isikhathi**	• **Ukuthuthuka ngokuqaphela ngokwenzeka phakathi kwesikhathi sesidlo santambama nesikhathi sokulala** (Ukuhlanganisa izihloko zokuQala koLwazi esifundweni samaKhono eMpilo) Yenza abafundi ba: - Ukukhuluma ngokuthi benzani emumva kokudla isidlo santambama. - Ukukhuluma ngokuthi kwenzakalani ekhaya emumva kwesikhathi sesidlo santambama. Uthisha uyababuza: - ‘’Niza nini esikoleni emini noma ebusuku?” - Uma uSibusiso efika esikoleni insimbi isikhalile,ingabe uSibusiso ufike esikoleni ngaphambi kwesikhathi noma ngemumva kwesikhathi? - Liphi ilanga ebusuku?”	Izithombe ezitshengisa ukuthi kwenzakalani kusukela ngesikhathi sesidlo santambama nangesikhathi sokulala.  	Usuku olu-1
	Ukusebenzisa izimo noma izithombe ezinhlangothi mbili 2-D. - Abafundi badweba izithombe ukukhombisa noma isiphi isimo emva kwesidlo sakusihlwa - Banike amaphazili atshengise ukulandelana kwezehlakalo noma imisebenzi	Iphepha namakhirayoni	

Isonto 20	Sebenzisa isonto 10 ukubhekelela ulwazi olusele nezindawo zokufunda ezinezinkinga.	
Ingxenye yokuqukethwe	**Isihloko**	**Amazinga Okuhlola**
Izinombolo, izimpawu nobudlelwane bazo	**1.1** **Ukubala izinto**	Qagela bese ubala ngokusakuhuba uze ufike ku 7 (Amaculo ezinimbolo nemilolozelo kufakelwa ukuthuthukisa ulwazi lwezinombolo)
		Ukubala uye phambili nasemumva (1-4)
		Ukuqonda ulwazi 'lokuningi nokumbalwa' (ukushaya izandla)
		Bona izinombolo ezimweni ezejwayelekile njenge nombolo yendlu , irejista yekheli
		Ubona izithombe zezinombolo namakhadi amachashaza akhombisa inombolo 1.
		Uyazazi izimpawu zezinombolo 1,2,3,4
		Ubona amagama ezinombolo okubili, okuthathu nokune
		Uyakwazi ukubala okukodwa nokukodwa okuhambisanayo (ishadi labasizi ngesikhathi sezidlo)
		Uyakwazi ukubonaphakathi kokuningi, okuncane, nokulinganayo, okuningi nokumbalwa kufinyelele koku-4
		Uyakwazi ukubona umehluko wemali ewuhlweza yaseNingizimu Afrika
	1.6 **Amaqhinga okuxazulula izinkinga**	Usebenzisa izinto ezibambekayo Uyakwazi ukuchaza into ayicaBangayo ngamagama , ngokudweba nangokusebenzisa izinto eziphathekayo.
	1.7 / 1.13 **Ukuhlanganisa nokususa**	Uxazulula izinkinga zokuhlanganisa nokususa ngokukhuluma kufinyelele koku-4
Amaphethini nokuxhumana	**2.1** **Amaphethini wokusazibalomdwebo**	Kopisha, qhubeza bese wakha amaphethini akho. (izinto, izimo, nohlweza)



Isonto 20	Sebenzisa isonto 10 ukubhekelela ulwazi olusele nezindawo zokufunda ezinezinkinga.	
Ingxenye yokuqukethwe	**Isihloko**	**Amazinga Okuhlola**
Indawo nesimo	**3.1** **Isikhundla , isimo nokubukeka kwento**	Uqonda isikhundla sezinto ezimbili nangaphezulu ngokuhlobana nomfundi ngaphezulu nangaphansi
	3.2 **Izimo ezi 2-D**	Akha iphazili enezingcezu okungenani eziyi 12
		Ukhombisa ukukwazi ukuhlukanisa phakathi kokungaphambili nokuzungezile (phinda ukuhlole)
		Ukhomba bese ebona asho unxantathu (ukugcinwa kwesimo)
		Bona, khomba bese unika amagama amabhokisi
	3.2 **Izinto ezi 3-D**	Uqhathanisa amaqoqo amabili ezinto ezinde, ezinjana, ezimfishane, ezimfishane kakhulu.
		Hlela izinto ngobungako okude nokufishane
		Imibala – Imibala eyimisuka (obomvu, oluhlaza okwesibhakabhaka, ophuzi, oluhlaza okotshani)
		Izimo
		Ukwakha nokwenza ngamabhuloki okwakha
	3.4 **Ukuhlukanisa ngokulingana nse nxazombili**	Ukubona umugqa ohlukanisa umzimba kabili kufane nse nxazombili nokumzungezile
		Uyakwazi ukweqa umugqa ophakathi nendawo
Isilinganiso	**4.1 Isikhathi**	Uyazi izinsuku zesonto, izikhathi zonyaka, ishadi lesimo sezulu (amaculo nemilolozelo – phinda uhlole)
		Uyalwazi usuku lokuzalwa (phinda uhlole)
	4.2 Ubude	Yisho phakathi kokude, kokujana, kokude kakhulu, ukufishane, okufishanyana, okufishane kakhulu (ishadi lokulinganisa ukuphakama)
Ukuqokelelwa kolwazi	**5.1** **Qoqa uhlele izinto**	Ukwazi ukuqoqa, ahlele, adwebe, abeke okumele (ahlaziye) izinto ngokwezimo zazo
	5.2 **Ukubeka okumele izinto eziqoqiwe zahlelwa**	
	5.3 **Xoxa bese uthula umbiko ngezinto eziqoqiwe zahlelwa**	

ISONTO 21	ITHEMU 3 YEBANGA R **Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	• **Yethula incazelo yenombolo 5** **Ukukhuluma:** bala izinto zansukuzonke kufinyelela koku 5. Bala uye phambili ubuye uhlehle kufinyelela koku 5 Ukubala sakuhuba kusuka 1-10 **Gcizelela ukubala ngokwesikhundla**: Uthisha upakisha izinto zokubala ezi-3 emugqeni.khomba into ngayinye ngenkathi ubala *okokuqala, okwesibili, okwesithathu.* **Gcizelela ulwazi "okuningi nokumbalwa".** Shaya izandla izikhathi eziningi …… IMA Shaya izindla izikhathi ezimbalwa. Uthisha ushaya izandla izikhathi ezi 5. Buza umbuzo iyiphi inombolo yokushaya ebeningi / mbalwa.	Imilolozelo namaculo ezinombolo Imilolozelo namaculo okubalalsib."Izinyoni ezinhlanu zihlezi emthini". Izinto ezinhlangothintathu	Usuku olu-1
	Ukusebenzisa umzimba Gqugquzela abafundi ukuthola inombolo 5 ngoku: - Shaya izandla zabo izikhathi ezi-5. - Thola ukuthi zingakhi izingane ekilasini esezineminyaka emi-5		

ISONTO 21	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.16 **Izibalo zekhanda**	**Izibalo zekhanda** - Uthisha ushaya izandla ngesigqi esithize nangokunwabuluka ukumela inombolo Isib.5.abafundi kufanele bathathe inombolo efanayo yezinto zokubala (5) bazikhombise. - Abafundi bapakisha izinto zokubala ezi-5 emugqeni bazibale. - Uthisha uyabuza: - Iyiphi inombolo eza ngaphambi kwenombolo 5? - Iyiphi inombolo eza emuva koku-4 njll? - Uma unama-apula ama-5 upha umngane ama-2. Mangaki ama-apula asele? - Ngikhombise iminwe emi-5. - Zingaki izinzwane onazo onyaweni olulodwa?	Izinto zokubala ezisesitsheni Ubumba / udongwe noma inhlama yokudlala amaqabunga	Usuku olu-1
	Sebenzisa izintoeziphathekayo ezinhlangothi ntathu 3-D Abafundi bathuthukisa umqondo wezinombolo ngoku: - Ukwenza inombolo 5 ngobumba lokudlala. - Cosha amaqabunga ama 5. - Bala izinto uzixhumanise nezinto zokubala. - Thuthukisa ukuqonda ukongiwa kwezinombolo ngokuvumelaabafundi - Pakisha izinto zokubala noma eziphi izinto ngezindlela ezihlukene.Isib.  Uma ubala, inombolo yezinto ayibuphazamisi ubungakho, noma isikhundla, noma ziyinhlobo efanayo.Isibonelo: - Hlela izinkinobho ezi5 ,umsizi 5, izivalo zamabhodlela 5, abafundi 5njll. - Zibale uzihlele ngezindlela ezihlukene Isib.zibale zendlalekile, zisondelene, zisemugqeni noma zelakanyene zayaphezulu.		

ISONTO 21	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.4 **Chaza, qhathanisa bese uhlela izinombolo**	• **Ukuthuthukisa ukukhumbula ugqugquzele abafundi bafake emqondweni izinombolo zezindlu zasemakhaya abo, ikheli kanye nezinombolo zocingo.** Badlala imidlalo efana no: - Uthisa usho inombolo yendlu, ikheli noma inombolo yocingo yomfundi. Umfundi okushiwo inombolo noma ikheli lakhe kufanele aphendule. - Uma kugcwaliswa iregista yobukhona kwabafundi uthisha angabuza imibuzo efana: “ingabe umfundi onenombolo yocingo 435-6256 ukhona namuhla?” “Ingabe umfundi ohlala e-Umbilo Road 123 ukhona namuhla?” - Abafundi basebenzisa amakhadi anezimpawu zezinombolo ukupakisha inombolo zezindlu zasemakubo noma izinombolo zezingcingo ngokulandelana noma abakwenzanga ngendlela. - Balingisa ingxoxo yocingo ngocingo lokudlala. Abafundi bashayela ucingo umuntu obalulekile. Kuhlanganise nemidlalo yeshashalazikwizifundo zamakhono empilo	Inombolo yocingo kufanele kube inombolo yokuxhumana yomzali noma umzali ongumbheki kungaba inombolo kamakhalekhukhwini Irejista yobukhona kwabafundi Amakhadi anezimpawu zezinombolo noma izimpawu zezinombolo ezinkulu ezakhiwe ikhadibhodi Ucingo lokudlala	Usuku olu-1
	Ukusebenzisa imifanekiso noma izithombe (izimo ezi 2-D) Uthisha ukhombisa abafundi: - Izinhlobo ezihlukene esithola kuzo ulwazi lapho singathola khona inombolo 5 Isib. amakhadi ezinsuku zokuzalwa, amaphephandaba, omagazini, izikhangisi njll. - Ikhadi elinamachashaza ama 5 kanye namakhadi anezithombe ezi 5. - Vumela abafundi baxhumanise amakhadi anezithombe namakhadi anamachashazi nezinto zokubala eziyinombolo elinganayo namachashazi nezithombe. - Yenza amaphazili ezinombolo afaka inombolo 5 isib. 	Amakhadi enzinsuku zokuzalwa amaphephandaba , omagazini amakhadi anamachashazi ama 5 amakhadi enezithombe ezi 5 izinto eziphathekayo izinto zokubala 	


ISONTO 21	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.3 **Izimpawu namagama ezinombolo**	• **Ukwazi izimpawu zezinombolo nokubona amagama ezinombolo ezifaka inombolo 5** **Ukukhuluma:** bala izinto zansukuzonke kufinyelela koku 5. Bala uye phambili ubuye uye emumva kuya ko- 5 Ukubala sakuhuba kusuka 1-10 **Ukubebenzisa umzimba** - Bonke abafundi mabahlale babe indilinga. - Unika abafundi izinombolo ngokwephethini. 1, 2, 3, 4, 5. Aqale futhi 1, 2, 3, 4, 5. Aqale futhi 1, 2, 3, 4, 5. - Buza imibuzo efana nokuthi; “ubani ozoba unombolo 5 olandelayo 5? “ubani ozoba unombolo 4 olandelayo 4? - Uyixazulule kanjani inkinga? - (abafundi baxazulula inking ngendlela yokwenza beqagela inombolo elandelayo bebala beqhubeka)	Imilolozelo namaculo ezinombolo	Usuku olu-1
	Sebenzisa izinto eziphathekayo ezinhlangothi ntathu - Sebenzisa amakhadi anezinombolo ezibunjiwe afaka izinombolo 1 kuye koku 5. - Abafundi bavala amehlo bezwe inombolo 5 phakathi kwezinye izimpawu zezinombolo besebenzisa iminwes. Nika umfundi ngamunye izinto zokubala ezinhlanu nezinkomishi zeplasitiki ezimbili noma izitsha zamaqanda ezimbili. - Buza abafundi: “singaki izindlela ezihlukene ongahlela ngayo izinto zokubala ezinhlanu kobhasikidi ababili?  noma njll.	Amakhadi anezinombolo ezibunjiwe anonombolo 5	

ISONTO 21	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
	Sebenzisa imifanekiso noma izithombe ezi2-Di Abafundi ba: • Bakhomba ikhadi elinezithombe ezi-5. • Bakhomba ikhadi elinamachashaza ama-5 • Bakhomba uphawu lwenombolo 5 nomakuphi lapho lukhangiswe khona ekilasini. • Khomba uphawu lwenombolo olusekhadini.. Bona igama lenombolo olusekhadini. • Xhumanisa izinto zokubala nophawu kanye negama lenombolo inani lezithombe kanye nenani lamachashaza asekhadini.	Amakhadi ezithombe, amachashazi, uphawu kanye negama lenombolo Izinto zokubala ezi 5 	
3.4 **Okufana nse nxazombili**	• **Gcizelela umugqa ohlukanisa okufana nse nxazombili kuyen ngokwenza iminyakazo egqugquzela ukunqamula umugqa ophakathi nendawo.** **Ukusebenzisa umzimba** Abafundi abenze lokhu: - Badlala umdlalo wesitimela lapho abafundi bekopisha indlela okumiwe ngayo eshadini. - Badlala umdlalo wesitimela lapho uthisa ekhombisa indlela ethize yokuma abafundi bakopishe bamlingisele. (kufaka iminyakazo lapho abafundi benqamula umugqa ophakathi nendawo isib.thinta idolo langasokudla ngesandla sokunxele.) - Badlala umdlalo wesitimela lapho umfundi ekhombisa indlela ethize yokuma abanye abafundi bakopishe. - Uthisha ukhombisa ukweqa welule izandla njengenkanyezi (**star jumps**) agqugquzele abafundi ukwenza umnyakazo ofanayo. **Sebenzisa izinto eziphathekayo ezi3-D** Abafundi abenze lokhu: - Amasakana okudlala (beanbag) kwesobunxele, kwesokudla, ngambili nangasemuva kwabo. - Sebenzisa isandla sokunxele ukubeka isaka lokudlala kwesokudla somzimba wakhe. - Lula izandla ukunqamula umugqa ophakathi nendawo noma bamba ihlombe nesandla sangakolunye uhlangothi. - Phinda umnyakazo ngesandla sokudla. Hlanganisa lomsebenzi nesifundo sokuvocavoca umzimba kwisifundo samakhono okuziphilisa.		Usuku olu-1 Emva kwalokho basebekwenza njalo ngesikhathi esikhululekile sokudlala kanye nemisebenzi yokuthuthukiswa kwezicubu zomzimba.


ISONTO 21	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
4.2 **Ubude**	• **Qagela ulinganise ubude bezinto ezihlukene usebenzisa izinyawo, izandla, intambo, induku.njll.** **Ukusebenzisa umzimba** abafundi abenze lokhu: - Baqhathanisa ubude bezinyawo nezandla zabo. - Abafundi baqagela ukuthi iyiphi into ende nemfishane ngokulinganisa ngezinyawo noma izandla isib. Itafula noma isinqamu sepayipi. - Qagela eyiphi into ende kakhulu noma emfishane kakhulu isib. Indlela yezinyawo noma umugqa wezitina. - Abafundi baqagela iyiphi engaba yinde kakhulu isib.ikilasi, igumbi lokuhlala othisha? - Buza umbuzo ofana no: “okuphi okude ngokuthe xaxa / okude kakhulu, umsizi noma intambo?” njll.	Izinto ezinobude obuhlukene ezingalinganiswa ngezandla noma izinyawo Isib. Irula, itafula, umnyango, umugqa wezitina, ikilasi, umtapo wolwazi njll.	Usuku olu-1

Isonto 22	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	• **Gcizelela ulwazi/ umqondo abawuzuzile kufaka inombolo 5** **Ukukhuluma:** bala izinto zansukuzonke kufinyelela koku 5. Bala uye phambili ubuye uye emumva koku 5 Ukubala sakuhuba kusuka 1-10 **Gcizelela ulwazi "okuningi nokumbalwa".** Shaya izandla izikhathi eziningi …… IMA Shaya izindla izikhathi ezimbalwa. Uthisha ushaya izandla izikhathi ezi 5. Buza umbuzo iyiphi inombolo yokushaya ebeningi / mbalwa. **Ukusebenzisa umzimba** Gqugquzela abafundi ukuthola inombolo 5 ngoku: - Khombisa iminwe emi 5 emoyeni. - Thola izinto ezi 5 ezibomvu, luhlaza okusasibhakabhaka, oliphuzi, luhlaza satshani. - Thola izinto ezi 5 ezibukeke njenge ndilinga, isikwele, unxantathu. **Sebenzisa izinto eziphathekayo ezi3-D** Abafundi abathuthukise ulwazi / umqondo wezinombolo ngokwenza lokhu: - Landa izincwadi ezi 5 kwigumbi lezinvwadi - Yakha umbhoshongo usebenzisa amabhuloki ama 5.	Amaculo nemilolozelo yezinombolo Isib.Imilolozelo namaculo okubalalsib. "1,2,3,4,5 ngamzukwana ngibamba ufishi ephila" Izinto zokubala izincwadi Amabhuloki okwakha	Usuku olu-1

Isonto 22	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.7 **ukuhlanganisa nokususa**	• **Xazulula izinkinga zezibalo zamagama ezifaka inombolo 5 ukhuluma / okusakuhuba (izibalo zengxoxo) uchaze izixazululo** **Ukusebenzisa umzimba:** - Biza abafundi aba 5 beze ngaphambili. Bahlukanisele izihlalo ezi 5 ngokulingana. - Thatha isihlalo esisodwa, hlukanisela abafundi abahlanu. Umfundi oyedwa usala enganaso isihlalo. - Qala koku 5 bala uhlehle.qala koku 3. Bala ufike koku 5. Qala koku 1. Bala kufike koku 4 njll. **Sebenzisa izinto eziphathekayo ezi3-D** **izibonelo**: 1. Bonisa umunwe owodwa esandleni esisodwa kanye neminwe emi 4 kwesinye isandla. Mingakhi iminwe isiyonke? 2. UThabo unamakhekhe ama 4. USipho umunika eliodwa ngaphezulu.mangakhi amakhekhe uThabo anawo ewonke? 3. Ikati elilodwa linezindlebe ezimbili. Zingakhi izindlebe zamakati amabili? 4. UThemba umatshe ama 5 uwanika uMandla wonke amatshe ama 5.mangakhi amatshe uMandla anawo? 5. UJabulani unomabuli ama 5 walahlekelwa aba 2. Bangakhi omabuli asele nabo? 6. Iculo, “isihlahla samawolintshi sinamawolontshi amahlanu ,wafika umoya lawa elilodwa kwasala amane, waqhubeka umoya umoya kwawa elinye kwasala amathathu... , liqhubeke kuze kuphele wonke.)	Izinto zokubala Omabuli Amaculo	Usuku olu-1

Isonto 22	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.4 **Chaza, qhathanisa bese uhlela izinombolo2**	• **Qhathanisa amaqoqo ezinto ezimbili ozinikiwe usho lokhu Okuningi kuno, okuncane kuno, okulingana noku, kufike kunombolo 5.** **Ukukhuluma:** bala izinto zansukuzonke kufinyelela koku 5. Bala uye phambili ubuye uye emumva kufinyelela koku 5 Ukubala sakuhuba kusuka 1-10 **Gcizelela ulwazi "okuningi nokumbalwa".** Shaya izandla izikhathi eziningi …… IMA Shaya izindla izikhathi ezimbalwa. Uthisha ushaya izandla izikhathi ezi 5. Buza umbuzo iyiphi inombolo yokushaya ebeningi / mbalwa. **Ukusebenzisa umzimba** - Uthisha ubeka izinto ezinhlobonhlobo etafuleni isib.izinkomishi ezi 2, amabhuloki afanayo ayi 5, amathini ama 4, izincwadi ezi 2. Abafundi abenze lokhu: - Bala inombolo yezinkomishi namathini. Ngabe izinkomishi ziningi noma amathini maningi? - Bala inombolo yamabhuloki nezincwadi.ngabe ambalwa amabhuloki kunezincwadi? Ngabe maningi amabhuloki kunezincwadi? - Bala izincwadi nezinkomishi.ngabe inombolo yezinto iyalingana noma qha?	Amaculo nemilolozelo yezinombolo Izinkomishi ezi 2, amabhuloki afanayo 5 ,amathini 4 , izincwadi 2 .	Usuku olu-1
	Sebenzisa izinto eziphathekayo ezi3-D. - Abafundi bahlala kumata benza izidleke (nests) ezimbili ngovolo. - Uthisha unika imiyalelo isib.abafundi bafaka izinto zokubala ezi 2 esidlekeni esisodwa nezi 3 kwesinye isidleke.isiphi isidleke esinokuningi? Isiphi isidleke esinokumbalwa? - Uthisha ubiza abafundi aba 5 beze ngaphambili. Ubeka inombolo engafani yobuhlalu esandleni sengane ngayinye. - Isiphi isandla esinokuningi? - Isiphi isandla esinokuncane? **Ukusebenzisa imifanekiso noma izithombe (izimo ezi 2-D)** Uthisha ukhombisa amakhadi amabili izinombolo ezihlukene zamachashazi nezithombe. Abafundi baqhathanisa amakhadi anezithombe kanye namachashazi bakhombe "okuningi kuno", "okuncane/okumbalwa kuno" kanye "okulingana no"	Izigqamfu ezimbili zewulu ingane ngayinye Izinto zokubala eziyi 6 ingane ngayinye.  ubuhlalu Amakhadi ezithombe kanye namachashazi okufaka izinombolo 1 kufike 5	

Isonto 22	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
2.1 **amaphethini okusazibalo mdwebo**	• **Gcizelela ukukopisha iphethini olinikiwe** **Ukusebenzisa umzimba** - Basebenza ngamaqoqo bakopisha iphethini abalinikiwe isib.umfundi, isihlalo, umfundi, isihlalo. - Abafundi ababili, isihlalo esisodwa, abafundi ababili, isihlalo esisodwa. - Shaya phansi ngonyawo olulodwa,shaya phansi ngolunye futhi,gxuma / kheleza uye phambili, gxuma / kheleza uhlehle **Sebenzisa izinto eziphathekayo ezi 3-D** - Uthisha wakha iphethini esebenzisa izinto zokubala kanye nezivalo zamabhodlela isib. Into yokubala, into yokubala, isivalo sebhodlela, into yokubala, into yokubala, isivalo sebhodlela. Abafundi bakopisha iphethini. - Hamba kancane, kancane, shesha, shesha. (Uthisha ukhuluma ehamba) abafundi bakopisha iphethini. **Ukusebenzisa imifanekiso noma izithombe (izimo ezi 2-D)** - Hlukanisa abafundi amaqoqo ayisihlanu. Nika iqoqo ngizithombe benze amaphethini ngazo. - Abafundi bakha amaphethini abo ezithombe besebenzisa izithombe abazinikiwe isib. o Iwolintshi, i-aphula, i-aphula, iwolintshi. o Uvemvane, uvemvane, inyosi, inyosi. Lomsebenzi ungahlanganiswa nobuciko obubonakalayo isib. Ukudweba, ukupenda kwisifundo samakhono empilo.	abafundi izihlalo Izinto zokubala Izivalo zamabhodlela Noma iziphi izithombe ezinokutholakalaisib. Izikhangasi zasezitolo. Enza izithombe zibe ningi ukuqiniseka ukuthi zanele/zilingene.	Usuku olu-1

Isonto 22	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
3.3 **Izimo ezinhlangothi mbili (2-D)**	**Bona, khomba bese usho izimo ezinhlangothi mbili (2-D) ekilasini nasezithombeni** • **Gcizelela ulwazi abalithole esontweni 6 okufaka isikwele** Hlanganisa lomsebenzi nesifundo sokuvocavoca umzimba kwisifundo samakhono okuziphilisa. **Ukusebenzisa umzimba** - Dweba isikwele enkundleni yokudlala abafundi bagxume ngokulinganisene ezikweleni. Abafundi abasho lokhu:“ngigxuma ngkulinganisene esikweleni – uhlangothi olulodwa, izinhlangothi ezimbili, izinhlangothi ezintathu, izinhlangothi ezine- zonke izinhlangothi ziyefana” - Abafundi abalale phansi otshanini / kumata / phansi / bahlangane ngezinyawo benze isikwele esisodwa esikhulu. - Amaqoqo abafundi awalale phansi kumata benze izikwele ezincane. **Sebenzisa izinto eziphathekayo ezi3-D** - **Umdlalo**: uthisha udweba igridi enkundleni yokudlala. - Ubeka izimo zangempela isib.izimo noma izithombe zezimo kwibhuloki ngalinye. - Uthisha usho isimo. - Umfundi uphonsa isakana lokudlala kwibhuloki elinesimo esishiwo. **Ukusebenzisa imifanekiso noma izithombe (izimo ezi2-D)** Abafundi fanele bahlukanise phakathi kobungakho obuhlukene kanye nemibala yezikwele uthisha ayilungisile. abafundi abenze lokhu: - Khomba izikwele ngokuhlukana kobungakho ngokusha ukuthi iziphi izikwele ezinkulu kakhulu, eziphi ezincane kakhulu, iziphi izikwele eziwubungakho obuphakathi nendawo. - Khomba imibala yezikwele ezihlukene. **Hlela izinto ngokwesimo, ubungakho nombala** • Hlela izinto ezinhlonhlobo ngokombala kanye nezimo.	isikwele phansi /emhlabathini  Amasakana okudlala Izikwele zamakhadibhodi ezinkulu 2 esisodwa esiluhlaza sasibhakabhaka kanye nesisodwa esiluhlaza satshani. Izikwele zamakhadibhodi aphakathi nendawo esisodwa esiluhlaza sasibhakabhaka kanye nesisodwa esiluhlaza satshani. Izikwele zamakhadibhodi ezincane kakhulu 2 esisodwa esiluhlaza sasibhakabhaka kanye nesisodwa esiluhlaza satshani.	Usuku olu-1


Isonto 23	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	• **Gcizelela ulwazi/ umqondo abawuzuzile kufaka inombolo 5** **Ukukhuluma:** bala izinto zansukuzonke kufinyelela koku 5. Bala uye phambili ubuye eye emumva kufinyelela koku 5 Ukubala sakuhuba kusuka 1-10 **Gcizelela ulwazi "okuningi nokumbalwa".** Shaya izandla izikhathi eziningi …… IMA Shaya izindla izikhathi ezimbalwa. Uthisha ushaya izandla izikhathi ezi 5. Buza umbuzo iyiphi inombolo yokushaya ebeningi / mbalwa. **Ukusebenzisa umzimba** Badlala umdlalo: - Uthisha udlala izinsimbi isib.Izigubhu. - Abafundi bayanyakaza ekilasini. - Uma isigubhu siyeka ukukhala, uthisha ubiza inombolo phakathi koku 1 kanye noku 5. - Abafundi bazihlela ngamaqoqo amancane isib.uthisha ubiza inombolo 3 abafundi bazihlela babe amaqoqo ama 3. **Sebenzisa izinto eziphathekayo ezi3-D** - Uthisha ubeka inqwaba yezinto etafuleni.Abafundi baqagela inombolo yezinto ezisetafuleni. - Bayazibala emuva kokuqagela.	Amaculo nemilolozelo yezinombolo Isigubhu	Usuku olu-1 Khetha imisebenzi embalwa

Isonto 23	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.6 **Amaqhinga okuxazulula izinkinga**	**Badlala umdlalo:** Uthisha wakha isitebhisi sezinombolo phansi noma enhlabathini. Inombolo esesitebhisini imele inombolo yendlu umfundi ahlala kuyo. Uthisha ukhetha abafundi esebenzisa imilolozelo yokubala ukunika imiyalelo njengo: - Ngasosonke isikhathi ima eqandeni (zero) noma qala eqandeni. Batshele ukuthi iqanda lisho okungekho ukubala okuyokona kuqala koku 1. - Ngasosonke isikhathi bala ube unyakaza. - Uthisha uthi kumfundi: “usendlini yesibili, iyiphi indlu eza emuva - Kwanombolo 2?” - Eminye imiyalelo ingaba: “hamba uye kwidlu engunombolo 3.hlehla uye kwindlu engunombolo 2.hamba uye phambili kwindlu engunombolo 4.” - Uthisha uthi: “ngikwindlu engunombolo 3, iyiphi indlu eza emuva kweyami?” - Hamba uye kwindlu engunombolo 4.hamba inombolo eyodwa uye phambili.hamba inombolo ezimbili uhlehle. - Ima phakathi kwezindlu ezingonombolo 3 kanye no 5.	0 1 2 3 4 5 Imilolozelo yokubala: 1, 2, 3, 4, 5, Ngamzukwana ngibamba ufishi ephila 6, 7, 8, 9, 10 Wangiluma umunwe kabuhlungu ngawudedela	
1.4 **Chaza, qhathanisa bese uhlela izinombolo**	• **Sebenzisa inombolo 5 ezimweni ezijwayelekile** Ukuthuthukisa ukukhumbula, gqugquzela abafundi ukwenza lokhu: - Ukwazi sakuhuba izinombolo zocingo zomama noma obaba bazo. - Ukwazi sakuhuba amakheli asemakhaya abo. - Izinombolo zocingo/umakhalekhukhwini kufane kuphindaphindwe ngesikhathi sokubizwa kweregista.	Amakheli abo nezinombolo zocingo zikamama noma ubaba.	Usuku olu-1
3.2 **Izinto ezinhlangothi ntathu (3-D)**	• **Akha izinto ezinhlangothintathu usebenzisa izinto eziphathekayo** - Abafundi kufanele bakhe besusela kwisibonelo sikathisha. Ubanika lemiyalelo elandelayo: - Akha umbhoshongo onobude obulinganayo nobami. - Akha umbhoshongo omfishane kunami. - Akha umbhoshongo onobude ngokuthe xaxa kunowami - Abafundi mabakhe okwabo ngokukopisha isibonelo abasinikiwe sento eyakhiwe.	Amabhuloki okwakha Noma iziphi ezinye izinto aBangazisebenzisa.	Usuku olu-1 kuyaqhubeka

Isonto 23	Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
3.1 **Isikhundla, isimo nokubukeka kwento**	**Landela izinkomba** **ngokwenza iminyakazo endaweni ethize.(inkombandlela)** • **Thuthukisa umqodo wokulandela izimpawu "phambili nase emumva/uhlehle"** **Ukusebenzisa umzimba** - Njengesingeniso, gcizelela ulwazi abaluthole ngesonto 8.		Usuku olu-1
	Sebenzisa izinto eziphathekayo ezi 3-D - Dweba indilinga enkulu, unxantathu, noma isikwele ephepheni ulibeke phansi/kumata. - Abafundi abenze lokhu: - Qhuba ithoyizi eliyimoto ukudlala emigqeni abafundi bakutshele ukuthi imoto ihamba ibheke ngakuphi (phambili nasemuva, kwesobunxele nesokudla usebenzisa ingalo isimo esokunxele nesokudla)	Izimo ezinkulu ezidwetshwe ephepheni. Imoto yokudlala	
	Ukusebenzisa imifanekiso noma izithombe (izimo ezi 2-D) - Abafundi abathole ulwazi lomqondo wokuya phambili/emumva ngokukhombisa ukuthi into ibheke ngakuphi ezithombeni isib.indlela imoto ebheke ngakuyo uma ihamba, indlela umuntu ahamba ebheke ngakuyo.	Izithombe ezikhombisa ngokusobala indlela. Isib.Indlela imoto ebheke ngakuyo, indlela umuntu ayilandelayo.	

Isonto 23	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
4.2 **Ubude**	**Qhathanisa izinto ngokwenza usebenzisa lwagama afanele ukuchaza ubude** • **Qagela ubude bezinto ezihlukene** **ukusebenzisa umzimba** - Abafundi bazihlela ngokwabo kusukela komfishane kakhulu kuya komude kakhulu. Baqhathanisa ubude babo kanye nobaBangane babo. - Badlala umdlalo wesitimela, omude kakhulu wenza umnyakazo ngenkathi abasemuva bekopisha.shintsha umugqa ukuze omfishane kakhulu kube nguye oholayo manje. - Abafundi abaqhathanise izandla kanye nezinyawo zabo ukubona ukuthi ubani onezinde kakhulu/nezimfishane kakhulu. Qagela ulinganise: - Abafundi baqagela ukuthi iyiphi into ende kanye nemfishane isib.ubudebetafula noma isinqamu sentambo. - Qagela iyiphi into ende kakhulu noma emfishane kakhulu isib.umsizi noma amakhirayoni. - Abafundi baqagela ukuthi iziphi izinto ezingaba zinde kakhulu isib. Izinti zokuphuza isiphuzo ezixhumene ezi 2 noma izinsinjana ezincane zokubamba amaphepha/imali ezixhunyiwe zaba 3. - Buza imibuzo enjengo: “iyiphi ende ngokuthe xaxa/ende kakhulu, umsizi noma isinqamu sentambo?” njll. - Isiphi isihlalo esikude kakhulu kune desiki lathisha? - Mingakhi imisizi enganele uhlangothi olude lwedesiki lathisha? - Mangakhi amagxathu ongawathatha ukufika emnyango? - Mangakhi amabhokisi omentshisi agcwele inhlabathi angalingana lelibhokisi? - Zingaki izinkomishi sokukafaka amaqanda ezigcwele manzi ezingagcwalisa lengilazi? - Kunabafundi abane nezihlalo ezintathu. - Zingakhi izihlalo esizidingayo ngaphezulu?	Izinto ezinobude obuhlukene njenge: Umsizi, amakhirayoni, izinqamu zentambo (enye egoqene), itafula, izincwadi, izinti zokuphuza isiphuzo, izinsinjana zokubamba amaphepha/imali (esongene negoqiwe) njll.	2 Izinsuku noma imisebenzi embalwa ekhethiwe kuphela


Isonto 24	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	• **Yethula incazelo yenombolo 6** **Ukukhuluma:** bala izinto zansukuzonke kufinyelela kokuyi 6. Bala uye phambili ubuye uye emumva kufinyelela kokuyi 6 Ukubala sakuhuba kusuka 1-10 **Gcizelela ukubala ngokwesikhundla**: Uthisha upakisha izinto zokubala ezi-3 emugqeni.khomba into ngayinye ngenkathi ubala okokuqala, okwesibili, okwesithathu. **Gcizelela ulwazi "okuningi nokumbalwa".** Shaya izandla izikhathi eziningi …… IMA Shaya izindla izikhathi ezimbalwa. Uthisha ushaya izandla izikhathi ezi 6. Buza umbuzo iyiphi inombolo yokushaya ebeningi / mbalwa. **Ukusebenzisa umzimba** Abafundi benza lokhu: - Bala kufike e 6 bekhuphuka izitebhisi. - Bala uye emumva behlela phansi - Dweba inombolo 6 enhlabathini uhambe/ugxume/weqe ngomlenze owodwa bayizungeze. - Shaya izandla izikhathi eziyi 6. - Khomba izinombolo 1 kufike 6 neqoqo lezimpawu zezinombol ezinkulu. - Ubeka anqwabelanise inombolo yendlu yakubo noma inombolo yocingo namakhadi ezimpawu zezinombolo ezinkulu.	Amaculo nemilolozelo yezinombolo. Benza iqoqo labo lezimpawu zezinombolo ezinkulu abafundi aBangakwazi ukusebenza ngazo.Bangafunda izinombolo zeminyaka yabo, izindlu zasemakubo, izinombolo zocingo noma omakhale khukhwini babazali nokunye okuningi. Iqoqo lezinombolo elifanayo lingasetshenziswa ukukhomba kanye nokulandelanisa izinombolo.	Usuku I

Isonto 24	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	**Sebenzisa izinto eziphathekayo ezi3-D** Bala izinto ezisekilasini.Abafundi abenze lokhu: Buza imibuzo efana no: “ - Iyiphi inombolo eza emuva kokuthathu, iyiphi inombolo emuva koku 5 njll?’” - Uthisha ubeka inqwaba yezinto etafuleni.abafundi baqagela inani lazo, emuva kwalokho bazibale. - thuthukisa ulwazi lokugcinwa kwezinombolo ngokuthi abafundi baqoqele ndawonye izinto zokubala noma eziphi izinto ngezindlela ezihlukene.  Uma kubalwa,inombolo yezinto ayithintwa ubungakho, isikhundla, noma ziyinhlobo efanayo.Isibonelo: - Hlela izinkinobho ezi 6, umsizi 6 ,ama hula huphu 6 , abafundi 6 njll. - Zibale usebenzisa izindlela ezihlukene isib. Zibale zendlalekile, zisondelene, zisemugqeni noma ezilakanyene/ezibekwe enye phezu kwenye. Hlukanisa abafundi babe amaqoqo ayisithupha.nika iqoqo ngalinye amabhuloki okwakha ayi 6. Abafundi benza lokhu: - Babala amabhuloki abo. - Bakha umbhoshongo ngamabhuloki abo ayi 6. Gqugquzela abafundi ukubala ama “bhuloki” njenga bakha umbhoshongo. - Uthisha uhamba iqoqo ngalinye afake amalebuli imibhoshongo yabo ngamakhadi ezinombolo.abafundi babala inani lemibhoshongo bekuphindaphinda izikhathi eziningana. - Khetha umfundi ukuphonsa idayisi.qiniseka ukuthi bonke abafundi bayalibona idayisi. abafundi babala inani lamachashazi bakhombe umbhoshongo ohambelana nawo.	Izinto ezisekilasini nasendaweni abaphila kuyo. Sebenzisa iznhlobo ezihlukene zezinsiza kufundisa ukuthola umqondo wokusebenzisa amasu ahlukene. Amabhuloki okwakha ayi 6 umfundi ngamunye	Usuku I




Isonto 24	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.3 **Izimpawu namagama ezinombolo**	• **Bazi izimpawu zezinombolo bakhombe amagama ezinombolo ezifaka inombolo 6** **Ukukhuluma:** bala izinto zansukuzonke kufinyelela kokuyi 6. Bala uye phambili ubuye emumva kufinyelela kokuyi 6 **Gcizelela ulwazi "okuningi nokumbalwa".** Shaya izandla izikhathi eziningi …… IMA Shaya izindla izikhathi ezimbalwa. Uthisha ushaya izandla izikhathi ezi 6. Buza umbuzo iyiphi inombolo yokushaya ebeningi / mbalwa. **Ukusebenzisa umzimba** - Dweba inombolo 6 phansi abafundi bahambe bezungeza inombolo. - Dweba inombolo 6 enhlabathini, emoyeni. - Benza inombolo 6 ngobumba. - Abafundi abaqagele inani labafundi abadingekayo ukwenza inombolo 6 ngemizimba yabo. Benza unombolo 6 ngemizimba yabo. **Sebenzisa izinto eziphathekayo ezi3-D** - Beka inqwaba yezinto etafuleni.badlale ngezinombolo 1 kufike 6 isib. - Abafundi abaqagele ukuthi zingaki izinto ezibekiwe. - Babala izinto.	Amaculo nemilolozelo yezinombolo Izinto eziyi 6	Usuku olu-1
	Ukusebenzisa imifanekiso noma izithombe (izimo ezinhlangothi mbili) - Khomba amakhadi anezithombe ezi 6 kwinlanganisela yamakhadi uwaxhumanise nenombolo efanayo yezinto zokubala. - Khombisa amakhadi anezithombe ezi 6 uwaxhumanise nenani lamachashaza kanye nezinto zokubala ellingana nazo. - Khombisa ikhadi elinamachashazi ayi 6 ulixhumanise nophawu kanye nezinto zokubala ezilinganayo. - Bona kwinhlobo ezihlukene zamakhadi lawo anenomblo 6 uwaxhumanise nophawu kanye nezinto zokubala eziyi 6.	Amakhadi ezithombe namachashazi afaka inombolo 6 isib.  izinto zokubala ezinhlangothintathu 3-D. 	




Isonto 24	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.13 **Ukuhlanganisa nokususa**	• **Xazulula ngokukhuluma izinkinga zezibalo zokuhlanganisa nokususa nezimpendulo kufike 6** **Ukukhuluma:** bala izinto zansukuzonke kufinyelela kokuyi 6. Bala uye phambili ubuye uye emumva kufinyelela kokuyi 6 Buza umbuzo iyiphi inombolo yokushaya ebeningi / mbalwa. **Ukusebenzisa umzimba** **Izibonelo** 1. Uthisha ubiza abafundi aba 3 beze phambili. Abafundi bayababala, uthisha ubiza abanye aba 2 abuze: Bangaki abafundi bebonke?" 3 kanye 2 → 5. (uthisha uthi: 3 kanye 2 kusinika 5) 2. Uthisha upakisha izihlalo ezi 2. Wengeza 2 ngaphezulu. Zingaki izihlalo manje? 2 kanye 2 →4. 3. Uthisha uphakamisa isandla esisodwa athi: "bala iminwe yami. Uma ngifihla isithupha sami mingaki iminwe oyibonayo? 5 ususe 1 → 4. 4. Abafundi mababale iminwe esandleni esisodwa. Fihla isithupha sakho, mingaki iminwe oyibonayo? 5 ususe 1 → 4	Amaculo nemilolozelo yezinombolo. abafundi izihlalo	
	Sebenzisa izinto eziphathekayo ezi3-D Abafundi bapakisha izinto zokubala ezi 6 benze lokhu okulandelayo: • Uthisha unikeza umfundi ngamunye izinto zokubala ezi 6. • Uthisha unika umyalelo abafundi baphendule isib. Pakisha izinto zokubala ezi 2, engeza ezinye ezi 3. • Zingaki zizonke? u 3 → 5. • Bala izinto zokubala ezi 4. Bala okubili uqhubeka usuka koku 4. Kungaki onakho manje? 4 kanye 2 → 6. • Bala bonke ubuhlalu onabo.uma umbhoza ubuhlalu obubili ngesandla,bungaki ubuhlalu obubonayo ? 6ususe 2 → 4.	Ubuhlalu noma izinto zokubala.	

Isonto 24	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.13 Ukuhlanganisa nokususa	• **Xazulula izinkinga zezibalo zamagama ukhuluma ezifaka inombolo 6.** **Ukukhuluma:** bala izinto zansukuzonke kufinyelela kokuyi 6. Bala uye phambili ubuye uhlehle kufinyelela kokuyi 6 **Gcizelela ulwazi "okuningi nokumbalwa".** Shaya izandla izikhathi eziningi …… IMA Shaya izindla izikhathi ezimbalwa. Uthisha ushaya izandla izikhathi ezi 6. Buza umbuzo iyiphi inombolo yokushaya ebeningi / mbalwa.	Amaculo nemilolozelo yezinombolo	Usuku olu-1
	Sebenzisa izinto eziphathekayo ezinhlangothintathu **Izibonelo:** 1. UMphounamakhekhe ama 4. USimo umnika ama 2 ngaphezulu. Mangaki amakhekhe uMpho anawo ewonke? 2. UNomusa unodoli aba 3 kanti uLindiwe unodoli aba 2. Ubani onodoli abaningi? Bangaki odoli uNomusa anabo ngaphezu kodolo boLindiwe? 3. Kunezinyoni ezi 5 ocingweni.ezi 2 zandiza zahamba. Zingaki izinyoni ezisele? 4. USimo unezimoto zokudlala eziyi 6 . UThobile unezi 4, zingaki izimoto zokudlala uThobile anazo ngaphansi kwezikaSimo? 5. Ingane eyodwa inekhala elilodwa. Izingane ezintathu zinamakhala ama …… 6. Ingane eyodwa inezinyawo ezimbili. Izingane ezintathu zinezinyawo ezi……. 7. Ingane eyodwa inezingalo ezimbili. Izingane ezimbili zinezingalo ezi….. 8. Ingane eyodwa inomlomo owodwa. Izingane ezintathu zinemilomo emi…..	Izinto zokubala Sebenzisa izinhlobonhlobo yezinsiza kufundisa ukunika umqondo wokusebenzisa amasu ahlukene.	
3.2 izinto ezinhlangothi ntathu (3-D)	• **Akha isakhiwo esinhlangothintathu 3-D ususela emdwebeni noma ekhadini elinesithombe** - Abafundi abenze lokhu: - Akha isakhiwo ususela emdwebeni noma esithombeni. - Abafundi bantshuntsha ubuhlalu ngokulandelana okusesithombeni osinikeziwe.	amabhuloki noma iziphi into zokwakha ubuhlalu, izintambo zezicathulo izinhlobo zamakhadi adwetshiwe akhombisa ukulandelana kobuhlalu.	

Isonto 25	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	• **Gcizelela ulwazi abaluzuze/thole kwisonto 24 okufaka inombolo 6** **Ukukhuluma:** bala izinto zansukuzonke kufinyelela kokuyi 6. Bala uye phambili ubuye uye emumva kufinyelela kokuyi 6 Ukubala sakuhuba kusuka 1-10 **Gcizelela ulwazi "okuningi nokumbalwa".** Shaya izandla izikhathi eziningi …… IMA Shaya izindla izikhathi ezimbalwa. Uthisha ushaya izandla izikhathi ezi 6. Buza umbuzo iyiphi inombolo yokushaya ebeningi / mbalwa	Amaculo nemilolozelo yezinombolo	Usuku olu-1
	Ukusebenzisa umzimba Badlala umdlalo: Uthisha ubeka phansi ikhadibhodi elikhulu lezimo zezinombolo noma amakhadi afaka izinombolo 1 kufike 6 ngokulandelana kwazo. Uthisha unika abafundi imiyalelo efana no: - Hlala kunombolo 6. - Beka uzwane lakho kunombolo 3. - Gijima uzungeze unombolo 2 izikhathi ezintathu. - Gxuma weqe unombolo 1. - Uthisha angahlwanyela amakhadi anezimpawu zezinombolo unike imiyalelo efana nale engenhla.	Iqoqo lamakhadibhodi amakhulu anezimpawu zezinombolo. Ungafaka umbala kulezigcezu zoplasitiki oqinile noma ikhadibhodi. 	
	Sebenzisa izinto eziphathekayo ezinhlangothintathu Abafundi benza lokhu: - Bala izinto ekilasini ufaka inombolo 1 kufike 6. - Uthisha ubeka inqwaba yezinto phezu kwetafula, abafundi abaqagele inani lezinto eziphezu kwetafula ,emuva kwalokho bazibale.		

Isonto 25	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.3 **Izimpawu namagama ezinombolo**	• **Ukubona nokukhomba izimpawu zezinombolo namagama ezinombolo ezifaka inombolo 6** **Ukukhuluma:** bala izinto zansukuzonke kufinyelela kokuyi 6. Bala uye phambili ubuye uhlehle kufinyelela kokuyi 6 **Gcizelela ulwazi "okuningi nokumbalwa".** Shaya izandla izikhathi eziningi …… IMA Shaya izindla izikhathi ezimbalwa. Uthisha ushaya izandla izikhathi ezi 6. Buza umbuzo iyiphi inombolo yokushaya ebeningi / mbalwa.	Amaculo nemilolozelo yezinombolo	Usuku olu-1
	Ukusebenzisa imifanekiso noma izithombe (izimo ezinhlangothi mbili) - Khomba abafundi amakhadi anamachashazi ayi 6 uwaxhumanise nezinto zokubala eziyinani elilinganayo. - Dlala imidlalo ekhomba uphawu lwenombolo ethize phakathi kwezinye uyixhumanise nenani elilinganayo lezinto zokubala. - Dlala imidlalo ekhomba igama lenombolo ethize phakathi kwezinye uyixhumanise nenani elilinganayo lezinto zokubala. - Dlala imidlalo ngokuxhumanisa inani lezinto zokubala negama lenombolo, uphawu lwenombolo kanye namakhadi ezithombe. - Bhala phezu kwephepha elibonakalayo ukopisha unombolo 6 ngekhirayoni.	Izinto noma izinto zokubala Amakhadi anezimpawu zezinombolo kanye namagama ezinomboloisib. 	


Isonto 25	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.4 **Chaza, qhathanisa bese uhlela izinombolo**	• **Hlela uqhathanise izinto eziqoqiwe usebenzise “okuningi kuno/okuncane kuno” kanye “okulingana no” kufike kunombolo 6** **Ukubala okusakuhuba:** bala izinto zansukuzonke kufinyelela kokuyi 6. Bala uye phambili ubuye uhlehle kufinyelela kokuyi 6 **Gcizelela ulwazi “okuningi nokumbalwa”.** Shaya izandla izikhathi eziningi …… IMA Shaya izindla izikhathi ezimbalwa. Uthisha ushaya izandla izikhathi ezi 6. Buza umbuzo iyiphi inombolo yokushaya ebeningi / mbalwa.	Amaculo nemilolozelo yezinombolo	Usuku olu-1 Khetha imisebenzi embalwa
	Ukusebenzisa umzimba - Uthisha ubeka ohula hoops phansi. - Ubiza abafundi aba 3 bame phakathi kweyodwa abafundi ababili bame kwenye. - Iyiphi ihola enabafundi abaningi kuyo?	amahola 2 	
	Sebenzisa izinto eziphathekayo ezi 3-D - Abafundi bahlala kumata benza izidleke (isidleke) ezimbili ngovolo. - Uthisha unika imiyalelo isib.abafundi bafaka izinto zokubala ezi 2 esidlekeni esisodwa nezi 4 kwesinye isidleke.isiphi isidleke esinokuningi? Isiphi isidleke esinokumbalwa? “Isiphi isidleke esinokuningi”? - Kuphinde usebenzisa izinombolo kufike 6. - Uthisha usebenzisa isivalo sesitsha se-ayisikrimu.ubambe isivalo ngamaphekisi ama 3 ngenhla kanye nama 3 ngakwesokudla kwesivalo. Imaphi amaphekisi amaningi kunamanye, noma ayalingana? Abafundi bangawenza lomsebenzi ngamaqoqo iqoqo ngalinye linesivalo namaphekisi alo.	Izingcezu ezi 2 zovolo kumfundi ngamunye izinto zokubala  	





Isonto 25	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
	Ukusebenzisa imifanekiso noma izithombe (izimo ezi2-D - Uthisha ukhombisa amakhadi anamachashazi kanye nezithombe anezinombolo ezihlukene kuwo.  - Abafundi abaqhathanise amakhadi anezithombe namachashazi babone “okuningi kuno”, “okuncane kuno” kanye “okulingana noku” . Abafundi badweba izidleke ezimbili ocezwini lwephepha.ngokomyalelo bapakisha izinto zokubala bazixhumanise nezinto zokubala ezikwisidleke ngasinye ngekhirayoni. Thuthukisa umqondo ofana nokuhlukanisa ngokulinganayo isib.  Yenza amaqoqo ezinombolo eziphelele anezimpendulo ezifaka izinsalela isib. 	Amakhadi ezithombe namachashazi Iphepha elu A4 kanye namakhirayoni Izinto zokubala	
3.3 **Izimo ezinhlangothi mbili (2-D)**	**Bona ukhombe usho izimo ezinhlangothi mbili ekilasini nasezithombeni** • **Benza baqede amaphazili abo ama 5** Abafundi benza lokhu: - Badweba isithombe ephepheni. - Uthisha udweba imigqa ngemuva kwemidwebo yabafundi. - Umfundi usika isithombe sakhe emigqeni ayinikiwe. - Umfundi uqeda iphazili yakhe.	amakhirayoni iphepha amakhirayoni isikele  imvilophu noma isikhwama sokuzenzela ufake amaphazili	Usuku olu-1

Isonto 25	**Isikhathi sokufunda esiphakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
5.1 **Qoqa bese uhlela**	• **Inombolo yezinhlavu zamagama egameni lomfundi** **Ukuxazululwa kwezinkinga: yethula inkinga kubafundi:** “Ngabe amgama anezinhlavu eziyisithupha yiwona adumile? Singakuthola kanjani lokho? Yiluphi olwazi okufanele siluqoqe?” **Qoqa ulwazi** - Abafundi babala inani lezinhlavu emagameni abo emalebulini amagama enziwe uthisha. - Uthisha uphakamisa ikhadi elinenombolo evumelana nenombolo yezinhlavu ezisegameni lomfundi abuze: ubani onezinhlavu ezi 4 egameni lakhe ephakamise ikhadi elinophawu lwenombolo 4? Kuphinde usebenzise zonke izinombolo.		
5.2 **Okumele izinto eziqoqiwe**	**Dweba igirafu** - Uthisha udweba legirafu elandelayo uma ephakamisa izinombolo:		
5.3 **Xoxa bese usho ngezinto eziqoqiwe**	**Funda bese uhumusha ithebula** - Iyiphi inombolo ejwayelekile yezinhlavu egameni? - Mangaki amagama anezinhlavu ezingaphezu koku 5? Amagama amabili anezinhlavu eziyisithupha. - Mangaki amagama anezinhlavu ezimbalwa kunezi 5? Amagama amathathu		

Izinhlavu 3	**Izinhlavu 4**	**Izinhlavu 5**	**Izinhlavu 6**
Ann **Sam**	**Musa** **Seni** **Simo**	**Hlelo** **Tholi** **Zethu** **Khaya** **Bheki**	**Nomusa** **Themba**
2	**3**	**5**	**2**

Isonto 26	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekelwe**
1.1 **Bala izinto**	• **Ukugcizelela ulwazi olutholwe ngokufaka izinombolo-1 kuya 6** **Ukukhuluma:**ukubala izinto ufike ku-6. Ukubala uya phambili nokubala uye emumva ufike ku- 6. Ukugcizelela ukubala ngakubala usebenzisa umlolozelo wezinombolo **Ukugxilisa ulwazi "lokuningi "no"kumbalwa"** Shaya ihlombe izikhathi eziningi ….IMA Shaya ihlombe izikhathi ezimbalwa. Uthisha ushaya izandla kuze kube ka-6 Buza umbuzo ukuthi yiliphi ihlombe elikhale kaningi /kamncane **Ukusebenzisa umzimba** Yenza abafundi ba; - Benza isimo sophawu lwenombolo ngemizimba yabo. - Phakamisa iminwe ngokulandela umyalo kathisha. - Benza uphawu lwenombolongokusebenzisa isinqamusentambo noma inhlama yokudlala. - Yizwa ikhalibhodi lezimo zezinombolo esikhwameni bese uyayisho leyonombolo - Bhala izimpawu zezinombolo- 1 kuya 6 esihlabathini noma emoyeni njll.	Amaculo nemilolozelo ezinombolo Amasethi amabili ekhalibhodi lezimo lezinombolo "nesikhwama sokuzwa"	Usuku olu-1


Isonto 26	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekelwe**
1.1 **Bala izinto**	**Ukusebenzisa izinto eziphathekayo ezinhlangothi ntathu-3-D** Yenza abafundi ba; - Bala izinto ekilasini ufake nezinombolo 1 to 6 - Bala izinto zokubala ufike kunombolo-6. - Beka amakhubhu axumanayo ambalwa noma izinto zokubala ezinombala uzimise umugqa phezu kwetafula. - Abafundi baqondanisa amakhubhu nemibala usebenzisa amakhubhu axumanayo noma izinto zokubala - Isibonelo.  - Yenza amaqembu anobude obuhlukene.abafundi baqondanisa ngokwamanani. 	Izinto ekilasini Izinto zokubala ezinombala noma amakhubhu axumanayo	
1.3 **Izimpawu namagama ezinombolo**	• **Ukwazi izimpawu zezinombolo nokubona amagama ezinombolo ezifaka oku -1 kuya koku 6** **Ukukhuluma;** Ukubala izintokusuka ufike ku-6 nsukuzonke. Ukubala uya phambili nokubala uya emumva-6. **Ukugcizelela ulwazi “lokuningi “no”kumbalwa”** Shaya ihlombe izikhathi eziningi ….IMA Shaya ihlombe izikhathi ezimbalwa. Uthisha ushaya izandla kuze kube ka-6 Buza umbuzo ukuthi yiliphi ihlombe elikhale kaningi /kamncane **Ukusebenzisa izimo noma izithombe ezinhlangothi mbili 2-D** Asidlale umdlalo: - Uthisha ubhala amagama ezinombolo kwenye ingxenye yekhadi bese ubhala uphawu lwenombolo kwenye inxenye yalo lelikhadi ufake izinombolo-1 kuya 6 (yenza amasethi ambalwa) - Abamfundi bafunda amagama ezinombolo bese beqagela uphawu lwenombolo. - Baphendulaikhadi balibhekise phezulu bese bezibonela impendulo eyiyo.	ngaphambili ngemumua isithupha 6 Amakhadi afaka izinombolo 1-6 namagama ezinombolo ngakwenye ingxenye yekhadi nezimpawu zezinombolo kwenye ingxenye. (yenza amasethi ambalwa ukuze umfundi ngamunye abe nekhadi).	Usuku olu -1

Isonto 26	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekelwe**
1.7 **Ukuhlanganisa nokususa**	• **Ukuxazulula izinkinga ngokukhuluma ezimweni ezinikeziwe bese isixazululo okufaka inombolo isi-6** **Ukukhuluma:**ukubala izinto ufike ku-6 nsukuzonke. ukubala uya phambili nokubala uye emumva ufike ku-6 ukugcizelela ubala ngakubili usebenzisa umlolozelo wezinombolo **Ukugcizelela ulwazi "lokuningi "no"kumbalwa"** Shaya ihlombe izikhathi eziningi ….IMA Shaya ihlombe izikhathi ezimbalwa. Uthisha ushaya izandla kuze kube ka-6 Buza umbuzo ukuthi yiliphi ihlombe elibe liningi /mncane	Amaculo nemilolozelo yezinombolo	Usuku olu-1
	Ukusebenzisa izinto eziphathekayo ezinhlangothi ntathu 3-D 1. Nika umfundi iphepha A4 elinomugqa odwetshwe wavundla kanye nezinto zokubala ezi-6 isib  2. Tshela abafundi baphonse izinto zokubala ngokucophelela phezu kwephepha lelo bese bechaze ukuthi ziwe kanjani.isib.  4 no 2 →6 (4 no 2 kusinika-6)  3 no 3→6 3. Phinda ngezinombolo-1 kuya 5.  5 no 1→6 4. **Ukuxazulula inkinga:** bachaza ukuthi bayixazulule kanjani lenkinga. 5. Yenza kanje nasekuxazululeni izinkinga zezibalo zokususa.	6-izinto zokubala kumfundi ngamunye A4- iphepha elinomugqa ovundlilephakathi nendawo	

Isonto 26	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekelwe**
4.4 **Umthamo/ okumumethwe**	• **Ukwethula ulwazi lokulinganisa umthamo ngokuqhathanisa ukuthi izitsha ezehlukene zingamumatha into engakanani. Isib.** - **“akunalutho/kugcwele”** - **“kungaphezulu/kungaphansi”** - **kuningi, kuncane** Ukwethula umthamo kubafundi ngokubuza ukuthi yisiphi isitsha esingamumatha okuningi. Abafundi bayaqhathanisa ukuphakama kunokuphakathi. Isib.uma ubuza, isitsha esiphakeme noma isitsha esifishane, abafundi abaningi bazokhetha isitsha eside noma ngabe isitsha esifishane singamumatha okuningi okusaketshezi. **Ukunyakazisa umzimba** “okuningi kune/okuncane kune” - Ukusebenzisa isitsha esisodwa njengesikali esilinganisiwe isib.inkomishi yeyogadi,Nika abafundi izinhlobo ezahlukene zezitsha. - Yenza abafundi ba: - Thola ukuthi yiziphi izitsha ezimumathe “okuningi”okumumethe “okuncane” kunesikali esilinganisiwe njenge inkomishi yeyogadi.yisiphi isitsha esimumatha okuningi?Yisiphi isitsha esimumatha kancane? Nika abafundiisipuni nebhakede elinesihlabathi nesipuni esizokukha isihlabathi sifakwe emakini Yenza abafundi ba: - Bala ukuthi zingaki izipuni zesihlabathi ezingagcwalisa inkomishi. Ucwaningo lungenziwa lube lukhunyana ngokusebenzisa izitsha eziningi isib.inkomishi, ingilazi yeplastiki nebhodlela elincane. - Yenza lomsebenzi ngokusebenzisa izinkomishi.	Amanzi(ngesikhathi sokudlala ngamanzi) nasesihlabathini (ngesikhathi sokudlala esihlabathini) yizindawo ezifanele zokuthuthukisa umthamo. Izinhlobo zezitsha ngokwezimo nobungako obehlukene. Inkomishi yeyogadi Ibhakede lesihlabathi inkomishi isipuni	Usuku olu -1 khetha kuphela umsebenzi owodwa noma emibili



Isonto 26	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekelwe**
3.1 **Isikhundla indawo nokubukeka kwayo**	**Ukuchaza into eyodwa noma ngaphezulu enhlangothi ntathu 3-D nobudlelwano bazo** • **Izikhundla zezinto ezimbili noma ngaphezulu zinobudlelwano obunjani kwenye nenye nakuyona** **Ukusebenzisa izinto eziphathekayo ezinhlangothi ntathu 3-D** **Ukusebenzisa ibhodi lamaphekisi:** Okokuqala yenzaumfundi asebenzise isandla sangakwesokudla bese kulandela leso sangakwesokunxelebese besebenzisa zombili kanyekanye ukubeka amaphekisi ebhodini. - Uthisha utshela abafundi ukuthi abekwa kuphi amaphekisi.isib. emgqeni ophezulu emgqeni ongezansi ngasengxenyeni yesokunxele ngasengxenyeni yesokudla phakathi nendawo Yenzaabafundi ba: - Benza izimo ebhodini lamaphekisi amaphekisi anombala. - Uthisha wenza iphethini elula ebhodini lamaphekisi akhe bese abafundi bekopisha iphethini yakhe kumabhodi abo. - Abafundi bakopisha iphethini isuselwa ekhadini elinephethini edwetshwe kulo.	Ibhodi lamaphekisi kumfundi ngamunye noma ngamaqembu Amakhadi anaphethini adwetshwe kuwo. 	Usuku olu -1

Isonto 27	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Amanothi Acacisayo**
